# *Yizweni*

Ngiyabonga kakhulu, mfowethu.

2 Ningahlala phansi. Ngiyajabula kakhulu ukuba lapha ebandleni futhi kulobubusuku, lapho esi. . .Ibandla alisiso ngempela isakhiwo sesonto, kodwa ibandla yilapho abantu bebuthana khona. Futhi sethemba eNkosini uNkulunkulu ukuthi Uzosipha ezaKhe ezinkulu, izibusiso ezininginingi kulobubusuku.

3 Futhi ngakho, bengicabanga e. . .izolo ngokuba nezinsuku eziyishumi zenkonzo, futhi ngiyabona baqala ukubuyisa abagulayo futhi. Manje, bebengakwenza kanjani, abaningi bangathanda ukuba nenkonzo yokuphulukisa kusasa ebusuku na? Ungaba nentshisekelo kokunye ukuphulukiswa na? Lokho kuhle. Kulungile, khona-ke sizoba nabafana ukuba bakhiphe amakhadi omkhuleko kuse-eli kusasa ntambama, noma kusasa kusihlwa, njalo, cishe. . .(Uqala ngasiphi isikhathi na? Ihora lesikhombisa nqo yilapho uvula khona.) Cishe ngelesikhombisa nqo kusasa ntambama.

4 Bese kuthi-ke sibone ukuthi bangaki abantu abangaphuma, manje, benzele inkonzo yomkhuleko wabagulayo, futhi sizokwenza konke esingakwenza ukukhulekela wonke umuntu esaziyo ukuthi akhulekelwe kanjani, noma, esingamkhulekela.

5 Futhi manje, izolo kusihlwa besikhuluma ngokuqondisa izigwegwe ebandleni. Futhi ngiyacabanga, uma nje besingathola ibandla esimweni sokuziphatha sangempela sokomoya, khona-ke kuzobakhona i—imvuselelo, ngempela, futhi kuyoba ngcono kakhulu ngemikhuleko yethu yabagulayo. Inqobo nje uma izimo zethu—zethu zincipha, khona-ke si—asibonakali nje sikucosha njengoba besifanele, kodwa lapho wonke umuntu esekhuleke waqeda nje, futhi exhuxhuma, namathemba amakhulu, ngike ngaya emsamo futhi izikhathi eziningi kwaba yisihlanu nesithupha, abantu abayizinkulungwane eziyisikhombisa, futhi kungabi nangoyedwa umuntu obuthakathaka osele ngokushesha nje lapho uphuma emsamo. Wonke umuntu asukume aphume ezihlalweni ezinamasondo, nemibhede eyizinhlaka, nezinhlaka, nakho konke, asuke ahambe khona lapho, ngoba bona nje, bangaphansi kwamathemba anjalo.

6 Manje, lokho kwakusezinsukwini zasekuqaleni zokuqala kwenkonzo, ngaphambi kokuba kubekhona noma ubani omunye ensimini. Futhi nje khona, kuthe ukwehliswa isikhashana. Futhi ngakho-ke, wonke umuntu waye, kwakukusha, futhi abantu babelindele noma yini nje. Manje, uma ubungaba nokulindela okufanayo, uthola imiphumela efanayo, efanayo, ngoba NguNkulunkulu ophulukisa abagulayo. Niyabo?

7 I—indoda ibingeke ikwazi ukuphulukisa abagulayo, ngoba akulele emandleni omuntu ukuphulukisa abantu abagulayo, akulele ngaphakathi kwamandla kadokotela ukuphulukisa abantu abagulayo. Udokotela akaphulukisi abagulayo, unikeza kuphela usizo kwabagulayo, uNkulunkulu uphulukisa konke ukugula, niyabo. Niyabo? Udokotela angahlela ingalo yakho uma yephukile, noma athunge indawo uma isikekile, noma asuse izinyo uma lilibi, noma akhiphe i-apendiksi, kodwa angeke aphulukise indawo okuphuma kuyo. Ukuphulukisa ku—ku—kungukuphindaphindeka kwamangqamuzana okuphila akhula futhi—futhi alungise, futhi ngukuphila okwenza lokho, noNkulunkulu ungukuphila. Futhi ngakho, kwenziwa kanjalo-ke ukuphulukisa, kungomusa nezihawu zikaNkulunkulu.

8 Futhi umzimba womuntu ulungiseke kakhulu, uma ubunga. . .UNkulunkulu wayazi ukuthi sasizoba nezingozi, futhi wayazi ukuthi siyosikwa, kanjalonjalo. Ngatshelwa ngesinye isikhathi esedlule ngowelaphayo, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, ukuthi lokhu kuhlinzwa okusha abanakho kwenhliziyo, lapho befaka khona lawomavalvu eplastiki enhliziyweni lapho kade edleke aphela njengomkhuhlane wesifo samathambo, ukuthi angikholwa ukuthi kukhona enye indawo emzimbeni wakho ukuthi bangenza lokho, kuleyondawo nje ukuthi leyovalvu yeplastiki yayizomboza ngawo wonke umthambo wegazi enhliziyweni, eyobamba kanjalo futhi ibambe, ezinye izindawo emzimbeni beziyoyiphusha isuke ngqo. Niyabo, uNkulunkulu wayazi ukuthi lokho kuhlinzwa kwakuzodingeka.

9 Uma ubungasika isandla sakho, usike imithambo ibe kabili. . .Futhi uma, epayipini lamanzi, uma u—umisa ipayipi lamanzi ndawondawo edolobheni, bhekisisa, into ethize izofanele iqhume, ndawondawo, izohlehla. Kodwa uNkulunkulu ukuhlelele kakhulu ukuze lelogazi lizokwedlula lokho, futhi liqhubeke ngqo ngokufanayo nje; uma bekungenjalo, bekungabuyela enhliziyweni yakho, futhi bekuyokubulala ngomzuzwana nje, uma nje uke wasika umthambo omncane, bekungakubulala nje ngomzuzwana. Kodwa uNkulunkulu wayazi ukuthi sasizozilimaza, kanjalonjalo, ngakho Wa—Walungisa umzimba wethu ngaleyonhloso. Ngakho manje, si—sifuna ukwazi ukuthi konke kungubuhle bukaNkulunkulu.

10 Futhi njengoba uMfowethu Oral Roberts onomusa ekubeke kahle, "UNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo." Impela unguye. Futhi manje, siyazi ukuthi UnguNkulunkulu olungileyo, kodwa asifuni ukuncika kakhulu kulokho, khumbulani, UnguNkulunkulu wobulungiswa, futhi, ngoba ubungcwele baKhe buMenza ubulungiswa. Nemithetho yaKhe kufanele kuhlangatshezwane nayo, izidingakalo zaKhe. Futhi ngakho-ke, uma EnguNkulunkulu olungileyo, Uzofanele abe ngolungileyo.

11 Izikhathi eziningi sithola ukuxoveka ekutheni ukulunga

kuyini, sixoveka kulokho uzwelo oluyikho, isihawu. Bhekisisani lokhu umzuzwana nje ngesihawu. Bangaki okholwayo ukuthi uJesu Kristu wayenesihe na? Ngani, impela Wayenaso.

12 Manje, Wehlela echibini laseBethesda, futhi lapho kwakulele izixuku. Kuthatha izinkulungwane ezimbili ukwenza isixuku esisodwa. Ngakho, kwakukhona izixuku zabantu zilele lapho, izinyonga, izimpumputhe, isishosha, abashwabeneyo, belindele ukunyakaza kwamanzi. NoJesu waqalaza kulezozixuku zabantu, waze Wathola indoda eyayi, awu, yayingakhubazekile, yathi, "Lapho ngehlela echibini, omunye umuntu uyangena ngaphambi kwami."

13 Yona, isifo sayo, yayikade inaso iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, sasingeke siyibulale, kwakubophekile, mhlawumbe iTB, noma inkathazo yendlala yesinye, noma okuthize. Futhi yayilele ohlakeni, futhi uJesu wayiphilisa, futhi wahamba, futhi washiya lesosixuku esikhulu sabantu beshwabene, futhi beyizishosha, beyizinyonga, beyizimpumputhe. Ngabe kunjalo na? Kepha nokho waba onesihe, uMsindisi onesihe.

14 Niqaphelile ukuthi Wathini ngenkathi beMbuza ngakho evesini 19 na? Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza."

15 *Onesihe* u "kwenza intando kaNkulunkulu." Futhi yilokho umKristu onesihe wangempela ayikho, ngukwenza intando kaNkulunkulu. Sikuxubanisa konke namhlanje, sizama ukubeka isakhi somuntu kukho.

16 Njengasothandweni, sizama ukusebenzisa uthando, uthando lukaNkulunkulu, njengoba senza uthando lomuntu. Ungeke uthandane noNkulunkulu njengoba wenza kumkakho, ungeke uthandane noNkulunkulu njengoba wenza kumyeni wakho, noma intombi yakho, noma isoka, wuthando olubili elwehlukene ngakho konke. Ololodwa . . . Ngisho ngesiGreki, amagama ahlukene, olunye lwawo lubizwa nge*phileo*, lolo wuthando onalo ngomkakho, lolohlobo lothando lungakwenza ubulale indoda ngaye, umona, kodwa uthando uthando i*Agapao*, okuluthando lokumesaba uNkulunkulu, esikhundleni sokubulala umuntu, bekungakwenza ukhulekele umphefumulo wakhe onesono. Kunjalo. Kungumehluko ongako.

17 Sithola umsuka wobuntu uxutshaniswe nomKristu, umsuka wokumesaba uNkulunkulu, bese kuthi-ke nje sithola inkucunkucu kukho, ngoba sazi kuphela ngama intshi, amafidi, amamayela, kanjalonjalo, ngama-awunsi, namaphawondi, kanjalonjalo, yilokho kuphela esikwaziyo. Singabantu besikhathi, uNkulunkulu uPhakade, Akanama-intshi, akanamamayela, akanayizolo, nakusasa, yiPhakade lonke kuYe. Futhi sizama ukwehlisa omkhulu kaNkulunkulu, umqondo

ongenasiphelo kowethu omncane, umqondo onesiphelo, futhi, o, siyaxoveka nje, ngakho into enhle ukwedlula zonke ekwenzeni, ngukufunda iZwi laKhe.

18 Futhi khumbulani ukuthi iZwi laKhe alizukuZiphikisa. Ngibe senkonzweni iminyaka engamashumi amathathu nanye, futhi nginikele nganoma yiluphi uhlobo lomholo wonyaka kunoma ubani ongangikhombisa umBhalo ophikisana nomunye Ongeke uqondiswe yiZwi likaNkulunkulu. Kunjalo. Lapho abantu bekutshela ukuthi iZwi Liyaziphikisa, batshele ukuthi abazi ukuthi bakhuluma ngani.

19 UNkulunkulu uLilobile ngezimfumbe nangemifanekiso, ukuze Akwazi ukuLifihla emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi aLembule ezinganeni zona eziyofunda. UJesu wambonga uBaba ngokwenza lokho. Ngabe kunjalo na? Ngoba aniLazi njengokufunda iphephandaba, Liyisambulo sokomoya. Futhi Kwembulwe kubo abanentshisekelo yokuLifunda.

20 Manje, awusoze waLifunda ngesikole, awusoze waLifunda ngesayense yezenkolo, Lifanele laziwe ngesambulo, ngoba iBhayibheli lonke, na—nalo lonke icebo lensindiso, yikho konke okuseBhayibhelini, nensindiso isekeleke phezu kwesambulo sikaJesu Kristu. Benikwazi lokho na?

Ngenkathi behla entabeni, Wathi, "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

"Abanye babo bathi Ungu-Eliya, uMose, nabaprofethi, kanjalonjalo."

Wathi, "Kodwa nina nithi NginguBani na?"

Futhi uPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

21 Wathi, "Ubusisiwe wena, ndodana, Simoni, ndodana kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi, oseZulwini, ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango ehayidese angeLahlule."

22 Manje, ibandla eliRoma Katolika lithi Wayekhuluma ngoPetru, kuchaza, "idwala elincane." Uma lokho kunjalo, wahlubuka masinyane emva kwalokho, ngakho uyabona ukuthi hlobo luni lwebandla obuyoba kulo.

23 Ngakho-ke, ibandla lamaProtestane lathi WaLakhela phezu kwaKhe uqobo. Manje, uma nizoqaphela iZwi, lalingekho phezu kwaKhe, iDwala, qhabo, kwakuphezu kwesambulo sokomoya saKhe uqobo esanikezwa uPetru.

24 Into efanayo eyenzeka e-Edene. Wakwenza kanjani u-Adamu. . .? Wa—wazi kanjani u-Abela ukuthi kwakuyiwundlu esikhundleni sesithelo sasendle na? Isambulo sokomoya. Niyabo? Bekuhlala njalo kuyisambulo sokomoya. "Phezu

kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango ehayidese angeLehlule."

25 O, ake ngisho lokhu kulobubusuku, mKristu: Yilapho abantu abaningi kakhulu behluleka khona ukubona uMlayezo kaNkulunkulu, yilapho abantu abaningi kakhulu behluleka khona ukubona amaqiniso. Ba. . . IBhayibheli liba yimpicabadala kubo.

26 Omunye wangitshela esikhathini esingeside esedlule, indoda enkulu, o, yathi, "Kufanele ukuthi uJohane udle okuthize," ngiyakholwa, "upelepele obomvu, okuthize, futhi waba nephupho elesabisayo esiQhingini sasePatmose."

27 Ngathi, "Ngiyakudabukela! Lokho kungukuthuka okungcwele ukusho into enjengaleyo emelene neZwi likaNkulunkulu." Ngathi, "Konke okuncinyane kuliqiniso, icebo elimsulwa likaNkulunkulu."

28 Kodwa ngu—ngukuzibeka nje wena uqobo eMoyeni kaNkulunkulu, futhi makube nguYe okwaMbulela Lona, UzoLembula kumntwana lowo ozofunda. Lapho sifika endaweni lapho sivuma khona ukuthi asazi lutho, futhi nje sivumele uMoya waKhe usebenze intando yaKhe ngathi, khona-ke Uzosifundisa. Kodwa lapho sazi okuningi kakhulu ukuthi Angeke asifundisa, khona-ke ngeke safika ndawo.

29 Futhi ngithi namhlanje, uma kwake kwabakhona isikhathi ukuthi lesisizwe besifanele sibizelwe emkhulekweni, isizwe sonke, hhayi nje okwehora elilodwa, qhabo, hhayi okomkhuleko-buthule wemizuzwana embalwa ndawondawo, udinga umhlangano womkhuleko usuku nosuku, iviki neviki, esizweni sonke, uNkulunkulu aze aphendule. Futhi sivala onke amajoyinti ogweva, sisusa zonke izinkampani zikagwayi, sisusa sonke isono esikhona, senze abesifazane bagqoke izingubo futhi, futhi senze abesilisa baziphathise okwabanumzane abahloniphekile, futhi babuyele ebandleni imihlangano yemikhuleko eyifeshini endala njengoba sasivame ukuba nayo, yileyondlela kuphela esiyoke sibe nokuthula ngayo.

30 Futhi ngiyazi abayikukwenza, niyabo, ngoba iBhayibheli lithi abayikukwenza, futhi abayikukwenza, sizodingeka nje sibhekane nesikhathi sokuphela. Nakini, iBandla kulobubusuku, zilungiseleleni, ngokuba anazi ukuthi yimuphi umzuzu noma ihora Angabonakala ngalo.

31 Asikhothamise amakhanda ethu manje, ngaphambi nje kokuba sivule iZwi elinomusa leNkosi yethu ukuba silifunde.

32 Qiniso, Baba wethu waseZulwini, Wazi onke amazwi, nayo yonke imicabango iqoshiwe. Futhi siyabona, namhlanje, nezinhliziyo zethu zishisekela iBandla elikhulu likaNkulunkulu ophilayo, njengoba sibona ihora lisondela lokuFika kweNkosi, futhi sazi ukuthi Ubikezele ukuthi ibandla liyoba sivivi, Wawuyolihlanza liphume emlonyeni waKho, ngoba lalingashisi

noma libande. O Nkulunkulu, yingakho i—inceku kaNkulunkulu yeqiniso, inhliziyo yayo ikhalela imvuselelo.

33 Sicabanga ngamadoda amakhulu enqamula isizwe namhlanje, efaka yonke impilo yawo kuso, konke lokho anakho, o, ezama ukubiza ibandla ukuba libuye. Futhi ba . . . Leso yisexwayiso sikaNkulunkulu. Futhi Baba, ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi, eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Uzothumela imvuselelo lapha eKlamath Falls, nakulo lonke lelizwe, lokho kuzoba yimvuselelo esindisa umphefumulo, lokho kuzoba yimvuselelo eshukumisa ibandla, ukuthi bonke abangcwele bakaNkulunkulu ophilayo bazoqala ukukhuleka nokuzila ukudla, ngokuba kulotshiwe, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngiyozwa ngiseZulwini."

34 Siphe khona, Nkosi, kulobubusuku ukuthi lowo onciphayo, obandayo, umuzwa wokunganaki ukuthi abantu bangena ebandleni, bazi nje ukuthi beza ebandleni, nokuthi bangabalapho, Nkulunkulu, bhidliza lowo omdala, umuzwa wokuzazisa, Nkosi, futhi weneliseke ngamanga. Sikhulekela ukuthi Uzobapha ingxenye eyenelisayo yokuphinda ukubhaphathizwa kukaMoya oNgcwele, futhi gcwalisa izinhliziyo zabo nomphefumulo ngoMlilo.

35 Kwangathi kungaba nemikhankaso emikhulu yokuphulukisa nezimvuselelo ezweni lonke, kwangathi abagulayo bangaphulukiswa. Sibuka lapha kulobubusuku phezu kwabantu abalele lapha ezinhlakeni nemibhede, nalabo abasemuva ezethamelini benenkathazo yenhliziyo, umdlavuza, Nkosi, bezama ukunqwabelanisa ukukholwa ndawondawo ukuba baphulukiswe, mabazi ukuthi UnguMphulukisi wazo zonke izinhlupheko zethu. "Zanini kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo, Ngizoniphumuza." Siphe khona, Nkosi, kulobubusuku.

36 Futhi kwangathi abantu kulobubusuku, bezwe ukugcotshwa kukaMoya oNgcwele, kwangathi Ungababamba zonke izinhliziyo. Kwangathi kungacaca kakhulu kithi kulobubusuku, ukuthi akuyikubakho nesisodwa isoni phakathi kwethu, noma umhlubuki oyedwa. Kwangathi kungebebikho-muntu ogulayo osele, noma umuntu obuthakathaka, ekupheleni kwalenkonzo. Siphe khona, Baba. Busisa iZwi laKho.

37 Khona-ke njengoba sikhuluma ekuqondiseni izigwegwe kwebandla, Nkosi, sikhulekela ukuthi Uzogcoba amazwi, futhi kwangathi kungafunyanwa kukuhle emehlweni aKho. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Amen.

38 Okwendikimba kulobubusuku, ngifuna ukuthatha nje ingxenye yesahluko 17 sikaMathewu, namazwi ambalwa okugcina evesi 5:

*. . . Lo uyiNdodana yami ethandekayo, . . . yizweni.*

39 Futhi uma iNkosi ithanda, ngifuna ukusebenzisa, noma ngidwebe ingqikithi, kulawomazwi amathathu okugcina evesi 5: *Yizweni*, amazwi amathathu.

40 Beninga...Njengoba ngishilo izolo kusihlwa, lezi yizindikimba ezincane kakhulu, kodwa yikho konke esidinga ukukwazi, yinani. Uma nje sizokwenza njengoba lendikimba encane isiyala ukuba senze, akuyikubakho noyedwa umuntu odumele kulesisakhiwo kulobubusuku, nje, "Yizweni." Noma yini Athi yenze, yenze.

41 Bese kuthi-ke, uma ugula: "Yizweni." Uma unesono: "Yizweni." Uma udinga okuthile: "Yizweni." Unakho konke enikudingayo kuloluhambo, Unakho okwakho elindele ukukunika khona. Inani selivele likhokhiwe, akukho-nani lokukukhokhela, nje, "Yizweni." Mlaleleni, ukuthi Uzothini.

42 Ngicabanga ngomncane, nje lowomBhalo owenele khona lapho, lawomazwi amathathu abeyokwanela ukuthumela imvuselelo yonke indlela emhlabeni jikelele, futhi asindise wonke umuntu okhona ezweni.

43 Eminyakeni ethile edlule, ngafunda indatshana encane kwiphephabhuku elalikhangisa, ngikholwa ukuthi kwakuyiwo, upetroli waseSinclair, noma uhlobo oluthile lukapetroli oludumile, futhi bathi igalani elilodwa likapetroli waseSinclair ohlobweni oluthize lomshini, uma ubungakhiwa uqine ngokwanele, ubungaphakamisa ibhubesi elikhulu elinekhanda lomuntu eliqoshwe ngetshe elingamayintshi ayishumi lisuke emhlabathini. Futhi ngacabanga, "O, inkampani yaseSinclair ikuthanda kanjani ukuqhosha ngamandla kapetroli wabo! Futhi okuncanyana kanjani okungenza okuningi kakhulu."

44 Kodwa ngicabangile, kulobubusuku, ukuthi iconsi elilodwa leGazi likaJesu Kristu lingaphakamisa sonke isoni esikhona siphume odakeni, futhi likhulule zonke izibhedlela ekuguleni, livale onke amajele netilongo okuhlunyeleliswa kulo izimilo, likhulule zonke izikhungo zezinhlanya kubantu bazo abagulayo nabahluphekile, lenze injabulo emhlabeni wonke ngeconsi elilodwa leGazi leNkosi uJesu Kristu.

45 Bese-ke ngiza emhlanganweni, futhi ngikhetha i—indikimba encane njengalena, khumbulani, ngikwenza lokho ngakho konke okusenhliziyweni yami ngomkhuleko, ngizama ukuthola nje lokho engingacabanga ukuthi uMoya oNgcwele ubungaholela ekufundiseni, noma ukukhuluma ngakho.

46 Bengihlale ngisho ukuthi uma bengingabamba kuphela iconsi elilodwa leGazi langempela leNkosi yethu uJesu emcengezini, ukuthi bengingalibamba kanjani ngezandla zami, futhi ngilicindezele enhliziyweni yami, futhi ngimemeze kakhulu, "O Baba, manje ngibambe iGazi leNkosi uJesu enhliziyweni yami!" Yeka ukuxhuxhuma, nenjabulo, nesibusiso

obekuyoba yiso kimi ukubamba, engilazini encane noma okuthize, iconsi elilodwa leGazi leNkosi uJesu!

47 Kodwa niyazi, emehlweni aKhe, nginokukhulu kunalokho kulobubusuku, nginakho kuncike enhliziyweni yami kulobubusuku, nina bantu, okungukuthengwa kweGazi laKhe. Wacabanga kakhulu ngawe kunoma Enza ngeGazi laKhe uQobo, ngoba WaLinikeza ukuze Akungcwelise futhi akulethe eBukhoneni baKhe. O, yizinto ezincane. Akusizo izinto ezinkulu esizenzayo, yizinto ezincane esizishiya zingenziwe.

48 Bengikhuluma izolo kusihlwa mayelana nesitembu esincane sokuposa. Futhi bengixoxa ngoKing George, uKing George waseNgilandi ongasekho, lapho eza edlula eBritish Columbia futhi wayeseVancouver.

49 Zonke izikole zakhishwa ukuyobona inkosi. Nabantu baseCanada befuna ukuba ngowasebukhosini wabo, bethembeke, njalo, enkosini yabo, banika bonke abantwana abancane elincane, iflege laseBrithani ukuba bame esitaladini. Futhi ngenkathi inkosi, inkosi, idlula, babephephezelisa lamafulege amancane ukukhombisa ukuthi babeyeseka, futhi babeyizikhonzi zayo. Nothisha bakhipha bonke abafo abancane. Futhi emva kokuba inkosi isidlulile, bonke abantwana abancane esikoleni esithize babuya, kodwa oyedwa omncane, umntwanyana wentombazane.

Futhi uthisha wayephatheke kabi kakhulu, ngakho wabiza bonke abantwana abadala, wayesethi, "Kwenzekeni kuMartha omncane na?"

Futhi abamtholanga, bathi, "Awu, ubeseqenjini lethu," kodwa abamtholanga.

50 Futhi uthisha ngokuhayiza wagijimela esitaladini, futhi waqala ukufuna lentombazanyana ethize engabuyanga. Futhi emva kokuba wonke umuntu wayesehambile, izitaladi zase zihlanziwe, zilandela inkosi, zicula "Nkulunkulu londa inkosi," futhi bathola lentombazanyana imi emva kwesigxobo setelegrafu nekhanda layo elincane lincike ezandleni zayo, ikhala nje ngenhliziyo yayo encane kakhulu.

Futhi uthisha wamqukula, wayesethi, "Martha, s'thandwa, ukhalelani izinyembezi na?" Wathi, "Awukwazanga yini ukuphephezelisa iflege lakho enkosini na?"

Wathi, "Yebo, Thisha, ngi—ngikwazile ukuphephezelisa iflege lami."

Wathi, "Awu-ke, awuyibonanga inkosi na?"

Wathi, "Yebo, Thisha, ngikwazile ukuyibona inkosi."

Wathi, "Pho kungani ukhala kangaka, s'thandwa na?"

Futhi wathi, "Uyazi, Thisha, ngiyibonile inkosi, kodwa bengimncane kakhulu, ayingibonanga."

51 Lokho akunjalo ngeNkosi yethu uJesu, angikhathali ukuthi umncane kangakanani, ukuthi wenza okuncane kangakanani, ungeke wenza into encane kunazo zonke ngaphandle kwaYo yazi konke ngakho. Yazi bonke ubuhlungu benhliziyo obuncane, bonke ubuhlungu obuncane obuthwele, konke ukudumala okuncane onakho, akunandaba ukuthi kuncane kangakanani, Usalokhu azi konke ngakho.

52 Niyazi, iNkosi yethu, Ihlangana emazingeni omuntu, ngezinye izikhathi Ihlangana emaqenjeni amakhulu abantu, ngezinye izikhathi Ihlangana nabambalwa. Sinobufakazi ngaYo ihlangana namakhulu amahlanu ngesinye isikhathi emva kokuvuka kwaYo, bese kuthi-ke sinakho lapho Yahlangana khona nabangamashumi ayisikhombisa, kanye nabayishumi nambili, futhi ngisho nabathathu, futhi khona-ke sinezikhathi lapho Eyohlangana khona noyedwa nje. Yilokho okuYenza uNkulunkulu kimi, yingenxa yokuthi Ingukuthobeka.

53 Ngibe nenhlanhla yokuhamba kakhulu, nokuhlangana namadoda amakhulu. Lapho ngihlangana namadoda azama ukuba makhulu, lokho ngukuthi, ungahlala njalo ubeka leyondoda ngokwezinga, akukho okuningi kakhulu kuyo. Amadoda amakhulu, ukuthi, azama ukukwenza ucabange ukuthi ungomkhulu, kodwa ngamadoda afuna ukuba makhulu, uma nje uzokulandela wehlele ekugcineni, uzothola ukuthi yiyembe elihlohliwe. Manje, lokho akusikho. . .Angiqondile lokho ukuba kungukungabi nazwelo.

54 Iqembu labazalwane beMethodisti abasanda kwemukela uMoya oNgcwele beza ebandleni lami, futhi, lapho engangivame ukwelusa khona, futhi babengamadoda amakhulu, ahlala enhla e-Indiana, futhi babethe, "Mfowethu Branham, emva kokuba semukele uMoya oNgcwele, kade sifunda ezinye izincwadi," wathi, "singalindela eNkosini, futhi sifune iNkosi ukuba isitshele inkonzo yethu na?"

Ngathi, "Ningakwenzi nhlobo."

Wathi, "Awu, incwadi yathi. . ."

Ngathi, "Kodwa awume kancane, mfowethu."

55 Uma uke wathatha amadoda ashisekele kakhulu ukuthi afuna njalo ukwenza okuthize, uNkulunkulu ubengeke amethemba lowomuntu. Uma nizoqaphela eBhayibhelini, indoda uNkulunkulu ayisebenzisayo, kwakuyindoda eyayizama ukusuka kukho konke okwakho, yileyo uNkulunkulu ayisebenzisayo. Thatha, isibonelo nje, uPawulu, uMose, kanjalonjalo, bezama ukubalekela yona impela imbangela.

56 Uma umuntu e. . .uNkulunkulu ubenganika umuntu ukuba enze into ethize, futhi ubeyishisekela kakhulu, into yokuqala uyazi ubeyovuvukala *kakhulu*. Kodwa uma umuntu engafuni ukwenza okunjalo, mhlawumbe uNkulunkulu angamsebenzisa okwesikhashana, empeleni, uma nje ungathola okuthile

kuye. Kodwa amadoda ngokuvamile afuna ukuhamba futhi aqhumise umhlaba wonke futhi awudilize, ngokwejwayelekile uNkulunkulu angeke ayethembe ngoba ayikwazi. . .ifuna ukuzenzela yona, ingena endleleni okungeyayo ngakho. Uma indoda ingafuni ukuhamba, khona-ke uNkulunkulu cishe uzofanele ayiqhubele kukho, yilolohlobo lwendoda uNkulunkulu avame ukulusebenzisa emBhalweni.

57 Ngathi, "Mphilele Yena nje, futhi uMthande ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi Uzokubeka endaweni Afisa ukuba ube kuyo." Kunjalo.

58 Sizama ukuthatha izindawo zomunye nomunye, ngeke sakwenza lokho, sifanele njalo sihlale obizweni lwethu, lapho uNkulunkulu esibizele khona.

59 Manje, singathanda ukusho, ukuthi kulokhu ukufundwa komBhalo, kulobubusuku, esahlukweni 17, lapho seniya ekhaya, ngifisa ukuba nisifunde sonke lesosahluko.

60 Manje, sithola ukuthi uJesu wayelungiselela ukwenza into ethize enkulu, ngesehlakalo esikhulu esasilungiselela ukwenzeka. Futhi lapho uNkulunkulu elungiselela ukwenza izinto ezinkulu, into yokuqala uNkulunkulu avame ukuyenza ngukwenza kwaziwe emazulwini phezulu kuqala, Uhlala njalo ememezela imisebenzi yaKhe ezulwini ngaphambi kokuba Ayenze emhlabeni.

61 Njengasekuzalweni kweNkosi uJesu, ubani owafika kuqala na? Yini eyakumemezela kuqala na? Inkanyezi iqala ukushwibeka ezibhakabhakeni, oMegi bavela le eMpumalanga beya e—eJerusalema bevela ngale eNdiya, oMegi abathathu.

62 Ngenkathi ngiseNdiya, usababona ngendlela efanayo, behlezi esitaladini ngqo, abakubiza ngezazi, noma oMegi, abagqolozeli bezinkanyezi, njengoba abanye babo bebabiza kanjalo.

63 Kodwa uNkulunkulu njalo umemezela izinto ezulwini ngaphambi kokuba Akwenze emhlabeni. Futhi lesi kwakuyisikhathi esikhethekile. UPetru, kamuva empilweni, wabhekisela kuyo njengentaba engcwele. Manje, angikholwa ukuthi umphostoli wayeqonde ukuthi intaba yayingcwele, ngoba kwakuyintaba nje, izimpi zazikade zilwiwe lapho, nakho konke. Kwakungesiyo intaba engcwele, kodwa kwakunguNkulunkulu oNgcwele entabeni, hhayi intaba engcwele.

64 Sizwa okuningi kakhulu namhlanje ngebandla elingcwele, noma abantu abangcwele, akukho-bandla elingcwele, noma abantu abangcwele, nguMoya oNgcwele kubantu owenza ubungcwele. Akusilo ibandla elingcwele, noma abantu abangcwele, nguMoya oNgcwele ebandleni.

65 Manje, kulesisehlakalo, uNkulunkulu wakhetha abathathu ukuba banikeze ubufakazi, Wabeka eceleni uPetru, uJakobe, noJohane. Futhi uma niqaphela, njalo, ngenkathi Eyokwenza into ethize enkulu, Wathatha labo abathathu. Ngiyamangala ukuthi kungani. UPetru, uJakobe, uJohane: ithemba, ukukholwa, nothando, iziphiwo ezintathu ezinkulu kunazo zonke zikaNkulunkulu, ithemba, ukukholwa, nothando. UJohane, kusobala, ukuba uthando kwakuluthando, noJakobe uyithemba, noPetru wayengukukholwa. Futhi Wathatha ithemba, ukukholwa, nothando ukunikeza. . .ukuthola, noma, ukubeka kubo, Ayezokwenza.

66 Manje, sithola ukuthi ngenkathi Enyukela kulendawo, kamuva eyabizwa ngentaba engcwele, noma indawo engcwele lapho uNkulunkulu ayekhona, sithola ukuthi phezulu lapho, ngenkathi befika entabeni, uNkulunkulu wayenabathathu baseZulwini ukuba bafakaze, phezu kwentaba kwakunguMose, no-Eliya, noJesu; khona-ke lapha emhlabeni kwakuyizidalwa ezintathu zasemhlabeni, uPetru, uJakobe, noJohane; futhi kwakukhona uMose, u-Eliya, noJesu, ofakazi abathathu baseZulwini, ofakazi abathathu emhlabeni.

67 Lapho uNkulunkulu elungiselela ukwenza into ethize, Uhlala njalo enofakazi wayo. Ngijabula kakhulu namhlanje ukuthi singaqalaza ngaphambi kokuFika kweNkosi futhi sibone ofakazi bokubonakala kwaYo, sibona izibonakaliso eBandleni zokusondela okuseduze kweNkosi uJesu Kristu, sikubona ngeZwi ngeZwi ligcwaliseka; ngisho nesibonakaliso sokugcina esasizonikezwa iBandla ngaphambi kokubonakala kweNkosi uJesu, siyasebenza eBandleni khona manje, into yokugcina.

68 Khumbulani, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Bukani ukuthi izoni zazenzani eSodoma, bukani ukuthi iNgelosi yeNkosi yenzani ngenkathi Yehla ukuzofakaza ngakho, bhekisisani ukuthi iziNgelosi ezintathu zenzani, zonke zontathu. Bukani izwe namhlanje esonweni salo, bukani ibandla namhlanje esimweni salo njengoLoti, bukani iBandla elibizelwe ngaphandle lifanele lizabalaze njengoba u-Abrahama wayenjalo. Owesilisa noma owesifazane, namhlanje, ozama ukuphilela uNkulunkulu unomzabalazo wokuqhubeka nokuhamba; ufanele ucindezele ungene eMbusweni kaNkulunkulu.

69 O, kuyadabukisa, kodwa ake sikubuke. Qaphelani, ezansi lapho kwakuyisoni, bukani ukuthi isono sasiyini, abesilisa babezingcolise kakhulu baze bangabe besakwazi ukusebenzisa okwejwayelekile ngonkosikazi. Bukani izwe namhlanje, isono esingaka singene ngokunyenya ebandleni nasesizweni sekuze kwaba yikhekheba lezinyosi ngesono. Kunjalo.

70 Ngiyazi lokhu kuzwakala kuyisidala, umfundisi ungithathile

esikhathini esingeside esedlule, eceleni, wayesethi, "Mfowethu Branham, uyazi ukuthi kungani inkonzo yakho ingesiyo inkonzo enkulu kunazo zonke eMelika namhlanje na?"

71 Futhi ngathi, "Angikhathali ukuthi kuyini eMelika, ngifuna ukwazi ukuthi kuyini eziNcwadini zaseZulwini, phezulu lapho, ukuthi kuyini lapho."

72 Wathi, "Awu, ngizokutshela, yingenxa yokuthi usola abantu ngaleyondlela," wathi, "wena—wena—uyabathethisa, futhi kuyabalimaza." Wathi, "Uma nje uyeka ukwenza lokho, khona-ke," wathi, "inkonzo yakho izokhula," no—nokunye nokunye.

73 Ngathi, "Mnumzane, ake ngikutshele okuthize, lapho sekufika endaweni ukuthi ngifanele ngixegise eZwini likaNkulunkulu, khona-ke ngizoma futhi ngishiye insimu, futhi ngivumele uNkulunkulu abize omunye umuntu ukuba akwenze." Ningathula kanjani na? Uma uzothembeka, thembeka. Ngitshele oyedwa kunoma yimuphi unyaka, ngitshele. . . Ngathi, "Ungibize ngomprofethi, angibizi. . . ushilo, wena uqobo, ukuthi, nguwe owakusho. Bese kuthi-ke uma ngi. . . Uma iNkosi ingigcobela okuthize, ngingathula kanjani-ke na? Ungakwenza kanjani na? Omunye uzofanele amemeze kakhulu amelane nakho." Kunjalo.

74 UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana ematsheni. Kodwa sifanele sethembeke futhi sikhulume iqiniso ngakho. Niqaphelile. . .? O, impela, inkonzo eMelika ayenzi lutho njengoba yenza phesheya kwezilwandle, impela qhabo, ngoba iMelika iyizwe elishisiwe nya, isiphelile, iqhubeke nosekwedlule iya emuva naphambili.

75 UJesu wathi uMbuso ufana nokuya e. . . lowo owathatha inetha futhi wayiphonsa olwandle futhi wabutha kuyo, ngezinye izikhathi wayebe nesikhuphashe, wayebe nezinyoka, nezibankwa, namaxoxo, nezinhlanzi. Emva kwesikhashana, awutholi lutho ngaphandle kwenetha eligcwele izibankwa namaxoxo, zonke izinhlanzi sezivele ziphakathi.

76 Ngakho, sivele sidobe ngenetha kuze kukhishwe eyokugcina ngokudoba ngenetha, bese-ke kufika uJesu. Sazi kanjani ukuthi bangobani na? Uvele uphonse inetha leVangeli bese ulidonsa. Yingakho ngiza lapha nabazalwane bami, ngime ekhoneni ndawondawo futhi ngiphonse inetha nabo, ngifinyelele ngenkonzo yami futhi ngiyidonse, ngithi, "Nampo, abazalwane." Kuyini na?

77 Manje, kodwa lena yindawo eshisiwe nya. Niqaphelile emuva lapho ngenkathi ngiqala ukuza kini e-Oregon na? Abantu wayeza bevela ndawo zonke, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane ziminyana phakathi. O, bekukuhle, bengihamba nje ngikhulekela abagulayo, kodwa lapho sengibuya futhi ngiqala ukubeka iqiniso phansi, ngibeka iVangeli phansi, o, abaningi baphendukela eceleni.

78 Qhathanisa lokho nezinsuku ezedlula neNkosi yethu. Ngenkathi Iphulukisa abagulayo nabahluphekile, abantu abaningi beza kuYo, ngenkathi Ipha izinkulungwane ezinhlanu, abantu abaningi beza. Kodwa ngenkathi Iqala ukuhlala phansi futhi ibatshele iqiniso, kwenzekani na? Bonke baqala ukufulathela. Yona . . . Abangamashumi ayisikhombisa baze bajika.

Futhi Yathi kubafundi, "Nithanda ukumuka nani na?"

Futhi uPetru wenza lawomazwi amakhulu athi, "Siyakuya kubani na?" Niyabo?

79 Kodwa manje, lokho akuzange kuzimise izimangaliso zaKhe, Waqhubeka ngqo. Ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, Wa—Wavula amehlo omuntu owayengenazo ngisho izinhlamvu zamehlo ezingoxeni. Izimangaliso zaKhe zaba nkulu kodwa izixuku zaba ncane, futhi Uba ngongathandwa kakhulu ngabantu, baze baMbethela esiphambanweni.

80 Futhi uma sinoMoya kaNkulunkulu, kuzoba ngendlela efanayo impela, ngoba uMoya kaNkulunkulu uyafana, nabantu bahlala befana, kunjalo.

81 Manje, sithola ukuthi Wayethatha laba ukuba bafakaze ngalokho Ayezokwenza. Impela kukhona okuzokwenzeka lapho uNkulunkulu ebiza ofakazi baKhe ndawonye. Futhi U . . . Ayezokwenza lapho, esikubiza ngokuthi, kwakungukubekwa kwendodana.

82 ETestamenteni eLidala, sithola ukuthi ngenkathi umuntu wayenombuso omkhulu, futhi wayene—wayenendodana ezalwa ekhaya lakhe, khona-ke leyondodana, kusobala, yayiyindodana masinya nje ingazalwa, kodwa nokho yayingenafa ize ibekwe ngokwendawo eyiyonayona, yemukelwe njengomntwana emndenini; bakubiza ngokwemukelwa njengomntwana. Manje, lokho kuzwakala kuxakile.

83 Kodwa manje, nakhu lapho ibandla lePentecostal, ngombono wami, lehla, noma lama, esikhundleni sokuqhubeka. Manje, ngiyiPentecostal, nami, futhi ukuba bengingenawo uMoya oNgcwele, bengingeke ngime lapha nginitshela ngaWo, kodwa, futhi uma bengingnanithandi, bengingeke nginitshele ngaKho.

84 Kodwa bukani, ngenkathi u—ngenkathi umntwana ezalwa, ekhaya elidala lomthetho, awu, ubaba wayenomsebenzi omningi ukuba awenze. Ngakho, u . . . Indodana yaba yindodana masinya nje ingazalwa.

85 Awu, yilokho ibandla lePentecostal, kwathi nje lingazalwa, noma yiliphi elinye ibandla, lapho lizalwa eMbusweni kaNkulunkulu, liba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, kodwa sama kulokho. Ngenkathi ibandla lePentecostal lemukela isiphiwo sokukhuluma ngezilimi

nokuhumusha, bama kulokho. Leyo akusiyo indawo yokuma, leyo yindawo yokuqala. Ngani, sinezinsiza ezingasetshenzisiwe, ndawo zonke. "Konke kuyenzeka kwabakholwayo." Zonke izithembiso eBhayibhelini zingezethu.

86 Inkathazo yakho ingukuthi, singaya kwizakhamizi zakithi—zakithi zoMbuso kaNkulunkulu, abazalwane bethu beMethodisti neBaptisti, ungabatshela ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, amandla kaNkulunkulu, bayobhekisela emuva ukuthi, "Wathini uMoody ngakho na? Wathini omunye umuntu ngakho na?" ebheka emuva.

87 Singathi kubazalwane bePentecostal, "Awu, esinakho emuva ngaleya ngenkathi okhokho bethu bekuthola eminyakeni engamashumi amahlanu edlule," ungalokothi ubheke emuva, bheka phambili, qhubeka ubheke phambili. Isayense ayikwenzi lokho. Isayense izothola uNkulunkulu ngaphambi kokuba umshumayeli enze uma singakubhekisisi, ekucwaningeni kwakhe. Kunjalo.

88 Manje, isayense, eminyakeni ethile engamakhulu amathathu edlule usosayense ongumFrentshi wathi, wakufakazisa ngokugingqa ibhola, njengomhlaba, futhi wathi, "Uma umuntu," wakufakazisa ngokwesayense, "uma umuntu ubengahamba ngejubane elesabekayo lamamayela angamashumi amathathu nanhlanu ngehora, amandla adonsela phansi abengamsusa emhlabeni."

89 Manje, nicabanga ukuthi isayense yesimodeni ibingalalela lokho na? Impela qha, uhamba amamayela ayizinkulungwane ezimbili ngehora manje, futhi akamile ngisho kulokho, uyaqhubeka; futhi sizama ukubuka emuva ukubona ukuthi omunye umuntu wathini.

90 "Konke kuyenzeka kwabakholwayo." Sinezinsiza ezingasetshenzisiwe zikaNkulunkulu ezandleni zethu uku—ukuveza obala uNkulunkulu. Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. UNkulunkulu wenza umuntu, Wamenza unkulunkulu, Wamnika ukubusa phezu komhlaba, kodwa ifa lakhe eliwile lakuwisa lokho. Kodwa abalahlekelwa yikho ngo-Adamu, kwabuyiselwa nguKristu.

91 Wathi, "Uma nithi kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwe ukuthi enikushilo kuyokwenzeka, ningaba nakho enikushilo. Zonke izinto, noma yini eniyifisayo, lapho nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela, futhi niyakuba nakho." Amen. Wabuyisela kithi konke okwakulahlekile ku-Adamu.

92 Kodwa namhlanje, sicabanga nje ukuya esontweni, sifaka igama lethu encwadini, sicwilisiwe noma safafazwa, kumbe noma ngabe kuyini, sixhawulana nebandla, nomelusi, lokho kuyakuxazulula. Futhi khona-ke senyukela ePhentekoste, semukela uMoya oNgcwele, Wehlela phezu kwethu, futhi

siqala ukumemeza nokudumisa uNkulunkulu, naMandla kaNkulunkulu ehla, futhi sakhuluma ngezilimi, sabezwa bekuhumusha, benza izicaphuno ezinkulu, kanjalonjalo, nokuprofetha. Lokho kuzwakala kahle, kodwa siyama nje, lokho nje kuyisiqalo, qhubeka nje uqhubeke, yiba ulokhu uqhubeka nje, futhi uqhubeke, futhi uqhubeke, uNkulunkulu wethembele kithi.

93 Ngenkathi lendodana izalwa ekhaya, ngokwendawo eyiyonayona yayiyindodana, indodana kayise. Kodwa manje, wenzani lowobaba na? Wayengenaso isikhathi sokuba naleyondodana eyodwa, ibhizinisi lakhe lalilikhulu, ngakho waqasha umfundisi noma umkhulisi, uthisha. Futhi wayehlola amazwe aze athole uhlobo olukahle lomuntu, ngoba lowo kwakungumntwana wakhe, futhi wayefuna lowomntwana akhuliswe kahle, ngoba lowomntwana wayezodla ifa yonke into ayenayo ngoluny'usuku. Kodwa, wabuka phandle yonke indawo, waze wakwazi ukuthola uhlobo olukahle lomuntu, akukho neyodwa yalamadoda ezama ukufaka uphaphe esigqokweni sakhe, iqambe amanga, noma, "O umntanakho wenza kahle," kanti wayengenjalo. Futhi ubeyodingeka abike ukuqhubeka kwalowomntwana. Manje, lokho kwakungukubeka indodana.

94 Abefundisi lapha bayaqonda futhi bayazi ukuthi ngikhuluma ngani, ukubekwa kwendodana, uPawulu kwa—kwa—kwabaseGalathiya, kanjalonjalo, ukubekwa kwendodana, iTestamente eLidala.

95 Ngicabanga ukuthi iKing James yayinalowomqondo, abahumushi, ngenkathi ethi, "EKhaya likaBaba kunezindlu eziningi." Ikhaya kwakungumbuso. Futhi ekhaya likababa, njengaseTestamenteni eLidala, ekhaya likababa, wayenezinceku eziningi, futhi waya kulezizinceku, wayengenaso isikhathi sokufundisa indodana yakhe, ngakho wayethola omunye umuntu ukuba amfundisele yona, indoda efanele.

96 Futhi yilokho uNkulunkulu ayesikhombisa khona lapha kulokho esikubiza ngeNtaba yokuGuqulwa isimo, lokho Ayekwenza qobo lwaKhe. UNkulunkulu akazange acele umuntu ukuba enze noma yini Ayengeke akwenze qobo lwaKhe, kukhumbuleni lokho. UNkulunkulu ubengeke akucele ukuba ungenzi lutho, ngaphandle uma Akwenza qobo lwaKhe.

97 Ngakho qaphelani, manje, ngenkathi lendodana yayi, iqala ukufika onyakeni wesikole, lomfundisi wayehamba nalendodana, futhi ahlale nayo, futhi alethe umlayezo kuyise ukuthi indodana yayiqhubeka kanjani. Uma indodana yayi—yi—yilibele, hhayi mayelana nomsebenzi kababa, khona-ke lowomfundisi kufanele ukuthi wayeba namahloni kanjani ukwenyukela ebusweni bukababa, futhi athi, "Mnumzane, ngiyaxolisa ukusho, kodwa indodana yakho—yakho ayenzi kahle kakhulu. A—angeke nje, ayifundi, ayinandaba."

98 Awu khona-ke, uNkulunkulu, ngenkathi Eshiya umhlaba lapha, iBandla laKhe, Wakhetha uMfundisi weBandla laKhe, Wathola uMkhulisi, uMuntu othize Oyothembeka, Oyothwala iqiniso, uhlobo olukahle loMkhulisi. Kwakungesuye umbhishobhi omkhulu othize, noma uphapha, noma umbonisi jikelele, Wathumela uMoya oNgcwele ukuba abe nguMbonisi noMfundisi weBandla. Kodwa samukela ababhishobhi nakho konke okunye ukuba babe ngabafundisi beBandla, akusilo uhlelo lukaNkulunkulu. UMoya oNgcwele unguThisha wethu, uMoya oNgcwele unguMfundisi weBandla.

99 Sithathe lonke uhlobo lomqondo, zonke izinhlobo zezikole namasayense ezenkolo, nakho konke, lapho uMoya oNgcwele ubufanele usihole. Manje, yingalesosizathu lapho ibandla lisesimweni elikuso kulobubusuku, ngukuholwa ngumuntu futhi kungesikho ukuholwa nguMoya. "Amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu." UMoya kaNkulunkulu ukuhola iBandla. Manje, abantu bangahle basho noma yini, kodwa uMoya oNgcwele uzokhuluma iqiniso kuwe.

100 Manje, kulobubusuku, ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele ufanele uzizwe kanjani lapho Ufanele ukhuphukele phambi kukaBaba futhi uthi, "Baba, o, ibandla laKho! Mm! Uyazi ukuthini? Ibandla laKho, uhhafu wabo abezi ngisho esontweni ngeSonto, qhabo. NgoLwesithathu ebusuku, bahlala ekhaya ukuba babone u *We Love Susie*," noma ngabe lokho kuyini kwitelevishini, niyazi. "Bathanda izinto zezwe ngaphezu kokuthanda izindumiso namandla kaNkulunkulu"? Kunjalo.

101 Anginalutho olumelene nethelevishini, kunezinto ezinhle lapho, kodwa lapho umKristu eyohlala ekhaya angayi ebandleni ukuba abone umdlalo othize owubuwula kanjalo, kukhona okwenzekile empilweni yalowomuntu. UMoya oNgcwele uphumele ndawondawo, awukho emsebenzini kaBaba.

102 Ucabanga ukuthi Wenzani lapho Enyuka phambi kukaBaba futhi ezofanele asho ukuthi amadodakazi aKhe, abantwana baKhe, amadodakazi aKhe athandekayo agqoka lezizingubo ezingenasimilo, abazibiza ngezikhindi na? Amadodakazi aKhe!

103 Ngakusho lokho esikhathini esingeside esedlule, nowesifazane wathi kimi, wathi, "Lalela, awume, Mfowethu Branham," wahlangana nami ngemuva kwesakhiwo, wathi, "lalela, Mfowethu Branham, angizigqoki izikhindi."

"Awu," ngathi, "lokho kuhle kakhulu."

Wathi, "Ngigqoka amabhulukwe amasleksi."

Ngathi, "Lokho kubi kakhulu." Kunjalo.

104 IBhayibheli lathi kuyisinengiso ukuba owesifazane agqoke ingubo engeyowesilisa. UNkulunkulu akaguquki. Wenza owesilisa ukuba abukeke njengowesilisa, nowesifazane abukeke njengowesifazane, kodwa namhlanje amadoda anobutabane

kakhulu, awazi ukuthi agqoke kanjani. Kunjalo. Nabesifazane, amadodakazi kaNkulunkulu, ebhema osikilidi, ukucekela phansi okukhulu kunakho konke izwe elake laba nakho.

105 Angiyesabi iRashiya iklabalasela iMelika, iMelika iziklabalesela yona uqobo. Akusiyo irobini enqofa i-apula elilimazayo, yisibungu emnyombweni, esibulala i-apula. Yileyo indaba ngamabandla nesizwe namhlanje, yisono emnyombweni, kude noNkulunkulu.

106 Elinye inenekazi lathi kimi, lathi, "Mfowethu Branham, abasazenzi ezinye izingubo, sifanele sigqoke lezo uhlobo lwezingubo."

107 Dadewethu, basazenza izimpahla, futhi benza imishini yokuthunga, akukho-zaba ngakho nhlobo.

108 Yini indaba na? Ngumoya ongcolile ongene kubo. Kwakuvamise ukuba yiphutha kwabesifazane bakithi bePentecostal ukuba bagunde izinwele zabo. Manje, ushaye into ethize, awushayanga na? Kwenzekeni na? Abanye babo babevame ukuthi babephethwe yikhanda, inqwaba yokuphathwa yikhanda.

109 Niyazi, iBhayibheli lathi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa indoda yakhe; owesifazane ohlazisayo akalungile ukuhlala naye. Angiqondile ukuthi uyadelela, kodwa ngiqonde ukuthi udeveli namanye amapulpiti asasitabane, abefanele abe phandle ngaleya njengobiza izingulube esikhundleni somshumayeli, bekufanele niphume futhi nikhulume iqiniso ngakho, ukuze nizokwazi ukuthi liyini iqiniso. Ngabe kunjalo, bazalwane na?

110 Ngangivame ukuba nomngane omdala oyiMethodisti owayevame ukucula iculo:

> Siwise imigoqo, siwise imigoqo,
> Saxegisa ngesono.
> Siwise imigoqo, izimvu zaphuma,
> Kodwa izimbuzi zingene kanjani na?

111 Niyabo? Yini inkathazo na? Bawise imigoqo, umgomo oyifeshini endala kaMoya oNgcwele ohola iBandla futhi uLiholele kulo lonke iqiniso. Manje, lelo yiqiniso, lokho kungahle kube yimfashini endala, kungahle kulimaze kancanyana.

112 Niyazi, ngenkathi ngisengumfanyana, kunento eyodwa engingeke ngiyimele okwamanje, ukhasta oyela, ngi—ngingawuhogela nje, futhi ngizogula iviki, ngenkathi siseyizingane ezincane, uMama wayevame ukwehlela lapho lapho ababe. . .esitolo, esitolo sasebhusha, uthola izikhumba zenyama. Futhi wayezibilisa, noma, azithose epanini lezitsha elidala, futhi athole ugrisi ukwenza a—amaqebelengwana ommbila, sasiwabiza ngokuthi, amakhekhe ommbila, futhi

sasiba nophizi onamehlo amnyama, imifino katheniphu, futhi sasidla kahle impela.

113 Futhi, kodwa lapho nje sinalelodina, isidlo sasekuseni, nesidlo sakusihlwa, khona-ke ku. . . Sasikwenza, njalo ngoMgqibelo ebusuku, sonke thina bantwanyana siyodingeka sigeze. Ngiyakhumbula uMama esingenisa, wayenobhavu omkhulu omdala, womsedari. Futhi babeqala ngengane, igeze kuqala, futhi sasiyishumi, ngangithola okokugcina, amanzi afanayo, nje kwengezwe nje amanye amancane, afudunyezwe. Futhi khona-ke, sonke thina zinganyana esikoleni sadingeka sithathe umthamo kakhasta oyela.

O, lapho sekufika isikhathi sami, ngiyobamba ikhala lami, ngiyothi, "Mama, Mama, ngiyacela ungakwenzi. O, nje ku—nje kungenza ngigule kakhulu."

Ngiyamkhumbula lowo omdadlana, umama wami waseningizimu, wayethi, "Kodwa buka, Billy, uma kungakugulisi, akukusizi ngalutho."

114 Futhi yileyondlela engishumayela ngayo iVangeli, uma lokhu kukwenza ugule, kungahle kushukumise okunye kolwazi lwakho lokudla kweBhayibheli futhi kuqale izinto. Kunjalo. Kunjalo. Sidinga iVangeli eliyifeshini endala, sidinga amandla kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele ubuyele phakathi, nazo zonke izingcweti zeHollywood nezingcweti zikamabonakude ziphumile.

115 Uyazi, nenekazi, ngifuna ukusho okuthize kuwe, ngizofinyelela emadodeni, umzuzu nje, kodwa, nenekazi, ngifuna ukusho okuthize kuwe. Bewazi yini ukuthi lowo ngumoya ongcolile ofika phezu kwakho na? Niyazi yini inenekazi elincane lehla ngesitaladi ligqoke konke okukhanukisayo, niyazi ukuthi lowo wesifazane uzodingeka aphendule ngokuphinga na? Ngani, angahle abemsulwa njengomnduze esokeni lakhe, noma endodeni yakhe, kodwa iBhayibheli lathi, uJesu wathi, "Uma. . . Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe."

116 Futhi khona-ke, uma ugqoka kanjalo, futhi esinye isoni sikubuke ngaleyondlela, ngoSuku lokwaHlulela lapho siphendula ngokuphinga, kuyoba nawe, futhi kuzoba yiphutha lakho, ngoba uzethule kuso. Ungahle ungabuyi kusasa ebusuku, kodwa uzokuzwa ngesinye isikhathi. Niyabo? Kunjalo. Kunjalo. Ngomubi, umoya ongcolile.

117 Futhi ucabanga ukuthi uMoya oNgcwele ucabangani lapho Efika phambi kukaBaba ukusho ukuthi abantwana baKhe baziphatha kanjalo na?

118 Eminyakeni eyedlula, ezansi e—eNingizimu ngenkathi babevame ukuthatha abantu abangamakhaladi futhi babathengise babe yizigqila (Lokho akukaze kube kuhle. Qhabo, mnumzane. UNkulunkulu—uNkulunkulu wenza umuntu,

umuntu wenza izigqila.), futhi babevame ukudlula futhi bathenge labobantu abampofu njengoba ubungenza phandle lapha endaweni yezimoto esezike zasetshenziswa, uthole nje incwadi yokuthengisa bese uzithengisa. Kwakuvamise ukuba nabathenga bathengisele abanye abedlulayo futhi babone labobantu, futhi babethatha lawo amakhulukazi, amadoda ayizidlakela asuke kumkawo, futhi awazalanise no— nowesifazane omkhulu ngokuthe xaxa, noma enye into ethize, alethe isethi engcono yezigqila.

119 Khumbulani u-Abraham Lincoln ngenkathi ekhumula isigqoko sakhe futhi washaya izandla zakhe kanjalo, wathi, "Lokho kuyiphutha futhi ngolunye usuku ngizokushaya." Nkulunkulu siphe umongameli onjengo-Abraham Lincoln futhi. Yebo. Ngenkathi esho lokho, wayeqinisile.

120 Ngiyakhumbula esikhathini esedlule, ngapha e-Illinois, ngangisemnyuziyemu, ngase ngibona endala, indoda eyikhaladi ihamba ngapho, indingilizi encane yezinwele zizungeze ingemuva lekhanda layo. Yayibuka emnyuziyemu, futhi emva kwesikhashana, yama, futhi yabuka, yagoba, yaqala ukukhala, nezinyembezi zehla ebusweni bayo, yayikhuleka. Ngayibhekisisa imizuzu embalwa, ngenyuka ngasondela kuyo, ngathi, "Unjani, Malume?"

Futhi yathi, "Unjani?"

Ngase ngithi, "Ngingumfundisi." Ngathi, "Ngingathanda nje ukwazi ukuthi kungani ubukhuleka. Yini ekuxhuxhumisile na?"

Yathi, "Woza lapha."

121 Ngabuka phakathi ngaphansi kwengilazi encane, futhi nakho kulele ingubo, ngathi, "Yingubo. Angiboni lutho olukhathazayo kakhulu ngalokho, bekungeke kwenze indoda igxumele emuva bese isho umkhuleko."

122 Yathi, "Kodwa buka, ngisenezimpawu zebhande lobugqila ezingizungezile," yathi, "nalelo yigazi lika-Abraham Lincoln, negazi lika-Abraham Lincoln lasusa lelobhande lobugqila kimi. Bekungeke kukuxhuxhumise, nawe na?"

123 Ngama emuva, ngase ngithi, "Uma igazi lika-Abraham Lincoln lingaxhuxhumisa isigqila ekususeni ibhande kuso, belifanele lenzeni iGazi likaJesu Kristu lapho lishunyayelwa ngamandla alo phambi kwebandla elizisho ukuthi lizelwe ngokusha! Kufanele kwenzeni na?"

124 Ngolunye usuku ngenkathi be. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . futhi babethatha iziswebhu futhi bazibhaxabule ukuzenza zi—zisebenze. Futhi baqaphela insizwa eyodwa kulelipulazi elithize, babengadingeki ukuba bayibhaxabule, mfowethu, yayiqhunsule isifuba, isilevu sayo sibheke phezulu, yayikahle ngakho.

Futhi lo othenga athengisele abanye wathi, "Ngingathanda ukuthenga lesosigqila."

"O, kodwa," umnikazi wathi, "asithengisi."

Wathi, "Awu, sehluke kakhulu kunazo zonke ezinye."

Wathi, "Yebo, ngikufundile lokho."

"Awu," wathi, "ngicabanga ukuthi singubasi phezu kwazo zonke."

Wathi, "Qhabo, siyisigqila nje."

Wathi, "Awu, mhlawumbe usondla kangcono kunoma wenza kuzo zonke ezinye."

Wathi, "Qhabo, zonke zidla phandle lapho endaweni yokudlela ndawonye."

Wathi, "Awu, yini esenza sihluke kakhulu kangaka kunalokho zonke ezinye eziyikho na?"

125 Nomnikazi wathi, "Ngizibuzile ngalokho isikhathi eside, nami. Kodwa ngithola ukuthi, ngale ezweni lendabuko lapho sivela khona, uyise uyinkosi yesizwe. Futhi nokho, singowezizwe kwelinye izwe lapha, kude nekhaya, kodwa siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphatha njengayo."

126 Mfowethu, dadewethu, uma indoda yase-Afrika ezweni lezizwe ikwazi ukuziphatha, iziphatha njengendodana yenkosi, besingafanele yini thina njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ukuba senze njengakho, futhi siziphathe njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, lapho uBaba wethu eyiNkosi na? Khona-ke abesifazane bebefanele bagqoke njengamadodakazi kaNkulunkulu. Kunjalo.

127 Futhi amadoda, o, he, noma iyiphi indoda ezovumela umkayo agqoke izikhindi futhi abheme osikilidi, nginombono omncane ngayo iyindoda. Kunjalo. Ifanele ibe yinhloko yendlu, kuyakhombisa ukuthi ubani ubasi ngapho. Kunjalo impela. Yebo, o, ngi . . .

128 *Indoda* ayilinganiswa ngemisipha, yisilwane leso, *indoda* ikalwa ngesimilo. Ngibone amadoda ayesinda amaphawondi angamakhulu amabili, nayo yonke imisipha, futhi ingenalo ngisho i-awunsi lendoda kuyo, iphonse ingane isuka ezingalweni zikamama futhi imudlwengule. Akusiyo indoda leyo, yisilwane leso, leso silwane esinobulwane, *indoda* yisimilo.

129 Akukaze kubekhona umuntu onjengoJesu Kristu, kodwa iBhayibheli lathi kwakungekho buhle ukuba siMfise. Mhlasimbe uMfo omncanyanyana, oqhothile ehlombe, noma okuthize, "sonke safihla njengoba kwakungubuso bethu kuYe." Kodwa U . . . Asikaze sibekhona isimilo esinjalo, iyilokho-ke *indoda* yangempela. Awulinganisi imisipha yendoda, kodwa ngezikhwama zamadolo ebhulukweni layo lapho kade ikhuleka

khona, yileyondlela olinganisa ngayo indoda, ngesimilo. Kuyiqiniso.

130 O, uMoya oNgcwele ufanele ukhophozele kanjani ukwenyukela phambi kukaBaba uthi, “Uyazi ukuthini? Izinceku zaKho ziyaxegisa, ziqala ukuthi, ‘Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Futhi asikudingi konke lokho kumemeza, nokukhuluma ngezilimi, neziphiwo, asibe yibandla nje.’ Wathatha yonke inkazimulo emandleni ebandleni, futhi mhlawumbe waliphendula laba yinhlangano yohlobo oluthize.”

131 Lokho kulungile, kodwa inqobo nje uma inhlangano ihlala namandla kaNkulunkulu, uNkulunkulu ayibusise leyonhlangano. Yingalesosizathu ngiyiPentecostal namhlanje, ngoba ngicabanga ukuthi kunamandla amaningi kaNkulunkulu kukho kunanoma iyiphi inhlangano engake ngayibona. Kodwa lapho amandla ePentecostal esuka ebandleni lePentecostal, ngizohamba nawo. Kunjalo, impela. Hlala noNkulunkulu.

132 Ngenkathi ama-Israyeli elandela, ayelandela iNsika yoMlilo, njalo lapho Ima, babekhempa ngaphansi kwaYo ngqo. UMartin Luther waba ngowokuqala ukubona uMlilo ushiya ibandla lamaRoma, futhi waphuma noMlilo phansi kokulungisiswa, “Olungileyo uyakuphila ngokukholwa.” Wakha inhlangano yakhe, wabeka phansi eyakhe, zonke izivumokholo zakhe futhi wakubeka amachashaza, ungqi, “Yilokhu kuphela. Siyakukholwa lokhu njengamaLuthela.” Into yokuqala niyazi, iNsika yoMlilo iqala ukuphuma, uLuther akakwazanga ukunyakaza nakho. Ngani na? Ngoba usevele unazo izivumokholo zakhe zimisiwe, ibandla lakhe lihleliwe, yonke into ilizungezile.

133 UJohn Wesley wakubona, ukungcweliswa, umsebenzi wesibili womusa, futhi wasuka wahamba wakulandela. Futhi washisa umhlaba wonke, waletha ukulungisiswa eNgilandi, eMelika, onke amadoda amakhulu. Enye yezimvuselelo ezinkulu kunazo zonke esake saba nayo kwakuyimvuselelo kaWesley, babalwa phakathi kwabakhulu kunabo bonke esake saba nabo. Kodwa benzani emva kokuba sebethole ukungcweliswa na? Bakha inhlangano yabo ngaphansi kwakho, badweba ipeni elincane, “Thina maMethodisti siyakukholwa *lokhu*, na*lokhu*, na*lokhu*, na*lokhu*,” bese beqeda imfundiso yabo ngongqi. “Yilokho esikukholwayo.”

134 INgelosi yeNkosi yaphuma, ngani, amaMethodisti awakwazanga ukuhamba naYo, namaPentecostal akubona. Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubuyiselwa kweziphiwo, nampa behamba, ngokushesha nje ababengakwenza, bashiya amaMethodisti emthunzini ngqo, iPilgrim Holiness, amaNazarene, nalabo ababengeke baqhubeke, baqhubeka

ngqo naYo. Futhi ngenkathi i. . .Into yokuqala niyazi, manje kwenzekeni ePhentekoste na? Kwakhe iqembu encane.

135 Kodwa iNsika yoMlilo iyophuma ngqo, asiYilandele, sithathe amabandla ethu, sithathe abazalwane bethu, asithathe iLuthela, iBaptisti, iMethodisti. IPentecost, ngishilo, akusiyo inhlangano, iPentecost isehlakalo. NgangiyiBaptisti futhi ngathola isibusiso sePentecostal. Kukhona iMethodisti, iLuthela, nazo zonke izinhlobo lapha othola uMoya oNgcwele, amaKatolika, amaJuda, abaphikinkolo, noma yini ezoza futhi ikholwe eNkosini uJesu Kristu futhi iMemukele ekugcwaleni kwamandla aKhe. UnguMfundisi weBandla, UnguYe. UMoya oNgcwele mawuphile ebandleni futhi wenze indlela, yilapho enizoba khona nemihlangano yangempela.

136 Lalela umelusi wakho, ungamvumeli, makuthi. . .Niyabo, uma udeveli engenakukuvimba ekuboneni into yangempela—yangempela kaNkulunkulu, uzokuphusha usuke ekupheleni okujulile ngakho, kanjalo, uzokwenza uye ekubeni wuhlanya. Awudingi ukuba ube wuhlanya, kuningi kakhulu okwangempela nokwangoqobo kwangempela ukuba ube wuhlanya, he, zonke izibhakabhaka zePentecostal zigcwele khona.

137 Kodwa lalela umelusi wakho, olungileyo, indoda ethunywe nguNkulunkulu, uthisha ozothumela futhi akutshele nje impela ukuthi yenzani, ngoba yena uqobo ugcotshwe ngoMoya oNgcwele. Futhi umbhekisise, uzohlala ngqo eshaya neZwi, khona impela iZwi elikushoyo, uyosho ngqo naLo. Futhi uNkulunkulu uzobusisa leloZwi, angikhathali ukuthi Likuphi, UzoLibusisa ngoba Wethembisa ukuthi Uyokwenza. Kunjalo. Uzohlala.

138 Hlalani ngqo eZwini, naleloZwi lingukuPhila. Futhi njalo lapho nemukela iZwi, nemukela ukuPhila. Lithatheni nilifake enhliziyweni yenu futhi niLikholwe njengefa lenu uqobo, zonke izithembiso zingezenu. UNkulunkulu waninika ibhuku lesheke, ngenkathi nemukela uMoya oNgcwele neGama likaJesu libhalwe phansi ekugcineni kwalo, noma yini eniyifisayo. Niyesaba ukuligcwalisa na? "Celani enikuthandayo eGameni laMi, uNkulunkulu uzonipha khona." Ngiyakuthanda lokho. O, he, yima lapho ngokukholwa nje okumsulwa. Celani futhi nikholwe, futhi kuyokwenzeka; yileyondlela yokukwenza.

139 Manje, lapho ubaba enyuka ngaphambili, noma, umfundisi wayehamba phambi kukayise. . .Manje, khumbulani, angeke athole umfo othile, ozozama nje ukudonsa izintambo, notshani obomile, futhi, "Awu, ngizokutshela, ungumfo olungileyo, ungumkhokhi omuhle ebandleni, futhi asikwazi ukumsusa ebhodini yabadikoni, nakuba eseshade kathathu kokune, kodwa nje singeke sakwenza, ngoba uma sikwenza, ungumsekeli omkhulu ebandleni." Uyisithiyo ebandleni, ngokoqobo.

140 Esikudingayo namhlanje ngelangempela, langoqobo, elihlanziwe, ibandla eligcwaliswe ngoMoya oNgcwele, eligcwele uMoya oNgcwele, lilungele, ligcwalisiwe, futhi lagcotshwa ngoMoya oNgcwele kaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Ngikholwa ukuthi i. . . Uma sehluleka ukukushumayela, uNkulunkulu uzovusa amaBaptisti, noma amaPresbyterian, noma omunye umuntu ukuba akwenze. Impela Uzokwenza, ngoba Uzoba neBandla lapho elingenabala noma umbimbi, Uzokwenza.

141 Ngakho, bazalwane, asizithintithe nje, futhi sivuke siphume othulini, futhi sizithintithe, futhi singene kwenhle, indlela endala yeVangeli, futhi simashe senyuke ngomgwaqo omkhulu. Yileyonto kuphela okufanele yenziwe ngukuthi, "Phambili masosha angamaKristu." Asikho isikhathi sokudebesela, noma sibe lula manje, asiqale ukuya eMbusweni kaNkulunkulu.

142 Manje, manje siyathola-ke, ukuba-ke lomfana ubengumfana okahle na? O, uMfundisi kufanele ukuthi wakujabulela kanjani ukwenyukela phambi kukaBaba, futhi athi, "Baba, ngiyajabula kakhulu ukukutshela! Uyazi, lowomfana waKho ufana nse njengoba Unjalo. Uyazi, uyofunda iZwi laKho, futhi uzothi, 'Lelo yiqiniso impela nje, yilokho uBaba akusho. UBaba wami angeqambe amanga, ngiyaLikholwa ngendlela nje ALisho ngayo.'"

O, ufanele kanjani uBaba ukuthi, "Lowo ngu—lowo ngumfana waMi!" Niyabo? Manje, yilokho uNkulunkulu afuna ukukwenza kithi.

143 Manje, manje, uma lowomfana azalwa, manje lalelani, uma lowomfana azalwa ekhaya njengendodana, kodwa akabanga ngu—ngumfana okahle, wayengeke alandele iziyalo zikayise, wayengeke abe semsebenzini kayise, lowomfana wayehlala eyindodana, kodwa akazange abe nefa. Benikwazi lokho na? Akazange athole noma yiliphi ifa, wayeyisilahlwa nje; wayehlale eyindodana.

144 Futhi lapho uthola uMoya oNgcwele, uyindodana kaNkulunkulu noma indodakazi kaNkulunkulu, lokho kuyiqiniso ngokwenele, kodwa uma ungamlaleli uNkulunkulu, uhambe ekuKhanyeni, uhambe eZwini, ukholwe uNkulunkulu, khona-ke awuyikuba nakho ukudla noma yiliphi ifa. Awu, yileyondlela impela nje uNkulunkulu akwenza ngayo namanje.

145 Manje qaphelani lokhu, manje, ukuba-ke umfana ubengumnumzane ohloniphekile olungileyo na? Wayemthanda uyise nje, wayethanda ukuba sebhizinisini likayise. Wayethanda ukubona zonke izivini ziqondiswe kahle nje, wonke umuntu esendaweni yakhe yomsebenzi. Futhi wathola indoda ikhekheleza, waya kuyo, wase eyigaxa ngezingalo zakhe, wathi. . . "Ngolunye usuku, ngani, baba, wahamba waya laphaya, futhi wayibona lendoda yayikhekheleza emsebenzini,

ngakho wahamba waya ngale wayesebeka isandla sakhe ehlombeni layo, wayesethi, 'Mnumzane, uyinceku kababa. Uyabo?' Bese eqala . . . Njengoba ubungenza."

146 O, ubaba uthi, "Uyazi, ngimthanda ngempela lowomfana, leyo yindodana yami." Njengoba sikubiza eMelika ngokuthi, "ukhamba lufuze imbiza," niyazi. "U—u—ungumfana wami, ngiyaziqhenya ngaye."

147 Niyazi ukuthi kwenzekani ngaleyonkathi ngenkathi lowomfana eba neminyaka ethile na? Lowomfana wenziwa wemukelwa njengomntwana emndenini. Manje, benzani na? Bamkhiphela endaweni yomphakathi, bamgqokisa ingubo ekhethekile, futhi baba nomkhosi. Futhi bonke abantu bemizi babuthana futhi babuka, futhi khona-ke babuka kulomfana, nobaba wayenomkhosi wokwemukelwa njengomntwana. Emva . . . O, ningakugeji lokhu! Emva kokuba leyondodana isimukelwe njengomntwana, igama layo ebhukwini lesheke lase lithi alifane nje nelikayise.

148 Yilapho uNkulunkulu ezama khona ukuthola iBandla laKhe. "Yisho nje kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi izonqukuleka." Igunya, amadodana kaNkulunkulu! Yonke indalo iyabubula, ilindele ukubonakaliswa kwamadodana kaNkulunkulu, ilindele endawaneni lapho ukugula kuzoba khona, "Vuka!" futhi kuzoba ngaleyondlela. Izimpumputhe ziyokwemukela ukubona kwazo. Izithulu nezimungulu, siyabakhulekela manje, kodwa-ke nizokuyala. Akashongo ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, bayakukhulekela abagulayo." Wathi, "Bayokhipha amademoni." Hhayi ukuthi, "Ngizokwenza." "Bayokwenza."

149 "Uma *wena* uthi kulentaba." Hhayi, "Uma ngisho." "Uma *wena* uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' ungangabazi enhliziyweni yakho." Esikudingayo ukwemukelwa njengomntwana, amadodana namadodakazi adinga ukwemukelwa njengomntwana.

150 Kodwa lingakwenza kanjani ibandla, ibandla lePentecostal, neMethodisti, namabandla eBaptisti amukelwe njengomntwana aze afike ekuqondisweni ezigwegwe na? Sifanele siqondiswe izigwegwe kuqala, uNkulunkulu ubengeke athembe lamandla ngebandla, kunzima ukusho ukuthi ubuyokwenzani.

151 Ubaba wayengalethemba kanjani ibhizinisi lakhe—lakhe ngomfana ongahle nje onakalise lonke ifa lakhe na? Wayengeke akwenze. Ibandla lizofanele lifike endaweni lapho eliqondiswe khona izigwegwe. UNkulunkulu ukulowo msebenzi khona manje, ukuqondisa izigwegwe.

152 Manje, wakhipha leyondodana, futhi wenza umkhosi, futhi wathi, "Lena yindodana yami, futhi ngiyayemukela njengomntwana emndenini wami, noma yini eyishoyo, ngiyayisho, nami."

153 Manje, uNkulunkulu wayenza into efanayo lapho kuJesu, Wayenza khona impela nje Ayedinga ukuba bakwenze. Yena, uJesu wayeMthokozisile, futhi Wamenyusa, futhi wathatha ofakazi abathathu basemhlabeni, uPetru, uJakobe, noJohane (ithemba, ukukholwa, nothando), wehlisa uMose no-Eliya ukuba bafakazise lokhu kumukelwa njengomntwana okukhulu. Futhi Wenzeni na? IBhayibheli lasho ukuthi Waguqulwa isimo, "Nezingubo zaKhe zakhanya njengelanga," ingubo ende ekhethekile. Amen. Mm! Ingubo ekhethekile, ugcobo olukhethekile. Futhi lapho bebheka phezulu, baMbona ekhanya enkazimulweni kaNkulunkulu, nePhimbo lathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni." O, he!

154 Lokho uNkulunkulu afuna ukukwenza ngeBandla kulobubusuku, afuna ukukwenza ngomuntu ngamunye, ngukuthola umuntu othize, ukuthola, uMoya oNgcwele ufunisisa ukuthola amadoda, Angamkhipha amyise endaweni ethize, akhulume nalowomuntu, abagcobe, futhi abanikeze okuthile okukhethekile, amandla amakhulu neziphiwo ukusebenza intando yaKhe nokwenza intando yaKhe.

155 Kodwa Angakwenza kanjani lapho Edingeka njalonjalo ukuba akhuphuke, athi, "O, kubi kabi! Ba—bavele—ba—bavele balandele *lokhu*. Balandela ukweduka. Ba—bangeke baye esontweni. Ba—ba—ba . . . Ku . . . " Bukani ukuthi—ukuthi ibandla likusiphi isimo. Ngakho, uma uNkulunkulu engenakukwenza emzimbeni, Uyokhetha abantu ngamunye futhi akwenze. UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana ematsheni.

156 Qaphelani, kwathi nje lapho kufika iminjunju yokuqala engaphezu kwemvelo, uPetru wayefana kakhulu nezwe namhlanje, kwathi nje okungaphezu kwemvelo kwenziwe, isimangaliso esikhulu senziwa . . . Awu, njengasezinsukwini zikaMose nje, kwakukhona isixuku esixubile.

157 UMose wehlela eGibhithe. Futhi ngenkathi ehlela lapho, kwenzekani na? Wenze izimangaliso ezithile, futhi ngenkathi esekwenzile, ikholwa nongakholwayo bonke bahlangana ndawonye, ngoba izimangaliso zixhuxhumisa abantu. Futhi kwakukhona isixuku esixubile esahamba nabo, naleso sixuku esixubile esifanayo sonakalisa ikamu. O! Hhayi ukuzama ukungazi, kodwa angazi ukuthi yini! Leyo kwakuyiyonanto impela eyamona u-Israyeli ekumasheni kwakhe, kwakuyileso sixuku esixubile.

158 Futhi uma lokho bekungesilo impela uhlobo lwanamhlanje, angazi ukuthi yini! Isixuku esixubile, amakholwa axubile nabangakholwayo, "Bathathe ubafake ebandleni, inqobo nje uma bezoza futhi babhaphathizwe, yilokho kuphela okudingekayo." Mfowethu, ufanele ukuba ufe ngaphambi kokuba ungcwatshwe, isixuku esixubile.

159 Futhi uPetru wathola konke ukuxhuxhuma, futhi wathi, ngokukhulu ukushesha, wathi nje angabona okungaphezu kwemvelo, wathi, "Asakhe lapha amadokodo amathathu."

160 Ngokushesha impela, into efanayo uLuther ayenza, into efanayo eyenziwa nguWesley, nento efanayo abazalwane bethu bePentecostal, sonke esayenza. "O, sizokwenza iPentecostal *lokhu*, nePentecostal *lokhu*, nePentecostal *lokhu*. Sizokwenza inhlangano yethu."

"Awu, laba ukholwa ukuthi Uza ngehhashi elimhlophe."

"Awu, asikholwa, sikholwa ukuthi Uza ngefu elimhlophe."

"Awu, bayeke bahambe, abasibo abakithi." O, nakho lapho okhona. Okungaphezu kwemvelo kwenziwe.

161 Bese kuthi-ke nakhu kufika iNkosi inikeza ezinye izipho futhi yathumela amadoda athile esikhathini esingeside esedlule, uMfowethu Tommy Osborn onomusa, noMfowethu Roberts, nabanye babo, futhi ngenkathi bephuma, nokungaphezu kwemvelo kuqala ukuba, kwenziwe, ini na? Abakwazanga nje ukuhlala enhlanganweni yabo futhi baqhubekele phambili, into yokuqala niyazi, babefanele bahambe babenzele imvula yamuva, nemvula yokuqala, nemvula yangaphakathi, imvula yangaphandle, o, he, he, imvula, imvula, imvula, izimvula.

162 Kuyini na? Okungaphezu kwemvelo kuyenziwa, futhi isixuku esixubile siyaqala. Kunjalo. Kuxhuxhumisa a—abantu; isixuku esixubile sihamba nabo.

163 Manje lalelani, ngenkathi uPetru esakhuluma, wayesakhuluma ngenkathi ethi, "Masakhe amadokodo amathathu, elinye libe ngelikaMose, nelinye libe ngelika-Eliya, nelinye libe ngelikaJesu."

164 Futhi ngaphambi kokuba ngisho aqede ukukhuluma, bhekisisani ukuthi imiBhalo ithini: "Esakhuluma, iPhimbo lakhuluma livela eZulwini, futhi lathi, 'Khohlwa yikho.'" Kungenjalo, "'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni.'"

165 Animuzwa uMose, ngiyajabula ngalokho, ngijabula kakhulu. UMose wayemele umthetho, umthetho wawungeke usindise muntu. Umthetho wawuyiphoyisa, umthetho walahla ngecala futhi wakufaka ejele, wawungeke ukukhiphe, umusa uyakukhipha. Kodwa umthetho ukufaka ejele, wakulahla ngecala, umusa uyakukhipha.

166 Wayesethi-ke, "Ngizokwakha elinye itabernakele. Sizokwakha elilodwa labo bonke ofuna ukugcina umthetho, futhi sibadedele bawelele *ngapha*. Futhi bazoba nenhlangano ngapha, abagcini bomthetho. Khona-ke siyoba nalabo okholelwa kubaprofethi."

167 Manje, wayemeleni u-Eliya na? Wayemele ubulungiswa bukaNkulunkulu. Wayengumprofethi onamandla, wenyukela esiqongweni sentaba, iNkosi yamthumela phezulu lapho.

Omunye umuntu wazigaxa ebhizinisini leNkosi, emtshela ukuthi akaye kuphi nokuthi enzeni, no-Eliya wavuka, wayesethi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle uMlilo ovela eZulwini, ubashise." NoMlilo wehla futhi washisa amashumi amahlanu.

168 Awu, babuyela emuva futhi batshela inkosi, yathi, "O, lokho, lokho okwakuyikho, lapho—lapho—lapho kwakukhona mhlampe isiphepho sokushisa, niyazi, noma *enye into ethize*, bashaywa ngumbani. Ngizothumela amanye amashumi amahlanu."

169 Ngakho wathumela abanye abangamashumi amahlanu, no-Eliya wavuka wayesethi, "Uma ngingumuntu kaNkulunkulu, makwehle uMlilo ovela eZulwini, ubaqothule." Futhi abanye abangamashumi amahlanu bahamba. Kwakungesiso isiphepho sokushisa ngalesosikhathi, niyabo. Niyabo, abaqondanga nje. Kodwa kwakungubulungiswa bukaNkulunkulu.

170 Angibufuni ubulungiswa baKhe, angiwufuni umthetho waKhe, ngifuna umusa waKhe. Umusa yilokho engikunxusayo. O Nkosi, ungangehluleli ngomthetho, ngi—ngiyolahlwa, angikwazi ukuma, unga—unganginiki ubulungiswa, ngi—bengifanele ngi. . .Bengifanele ngiye esihogweni, ngoba ngiyisoni, kodwa, Nkosi, ngiphe umusa waKho, uthando lwaKho, umusa waKho.

171 UNkulunkulu wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni, hhayi uMose, hhayi ubulungiswa, hhayi umthetho, kodwa Yizweni, Inesihawu senu, Inezipho zenu."

172 "Wenyukela Phezulu, futhi upha abantu izipho." Futhi uNkulunkulu wenze khona impela nje Akwenza ngeNdodana yaKhe ngenkathi EYemukela njengomntwana lapho.

173 Manje, futhi ngenye indlela, "Ningabe nisaNgizwa, NginguNkulunkulu, kodwa Ngemukele iNdodana yaMi njengomntwana. Akekho ongeza kuBaba, ngaphandle kweNdodana. Yizweni."

174 O, he, uNkulunkulu ufuna kanjani ukuthatha iBandla laKhe namhlanje futhi aLemukele njengomntwana! ULizalile, manje Ufuna ukuLemukela njengomntwana, kodwa nje ngeke sime sithule. Uma kuvuka phakathi kweMethodisti, iBaptisti ayizukuzihlanganisa ngalutho nakho. Kuvuka phakathi kwebandla elilodwa, elinye alizukuzihlanganisa ngalutho nakho; kungukuzongezekela ngokuphindaphinda. Ngani na? Yisixuku esixubile, kuseyinto efanayo.

175 Esikudingayo namhlanje ngukuhlangana ndawonye, nomhlangano womkhuleko, nokuhlala lapho uNkulunkulu aze athumele ukwemukelwa kukaMoya oNgcwele, ehlise uMoya oNgcwele, nasezindaweni kubaphostoli beBandla, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi. Yilokho esikudingayo, yilokho iBandla elikudingayo, Aliyikuxegisa, Liyohlala neZwi, iBandla elingayikuqomisana nezwe, iBandla

elingeke lazihlanganisa ngalutho nesono, eLizofulathela isono, eliyohamba ebungcweleni nasebuhleni bukaNkulunkulu, liphilela uNkulunkulu. Ukuphila noma ukufa, kwenza mehluko muni, inqobo nje uma ngingokaNkulunkulu, kwenza mehluko muni na?

176 UNkulunkulu uzama ukuthola lokho ebandleni, Uzama ukukwenza. Uyakwenza njalonjalo, ukukhombisa nje abantu ukuthi Uyakwenza. Futhi kungani kunjalo, lapho uNkulunkulu enyakazisa lezoziphiwo phambi kwebandla, bese kuthi-ke ibandla, njengoba ngasho ngobunye ubusuku, njengengengane e, nowesifazane esitolo sezinto zikasheleni ibonakala ingakunaki ngisho nokukunaka na?

177 NgoLwesihlanu, ngoMgqibelo, ngeSonto, ngoMsombuluko, ngoLwesibili, ubusuku obuhlanu, lendawo enkulukazi lapha, nezihlalo ezingamakhulu amabili ezingenalutho ehholo elikhulu labangamakhulu ayishumi nambili. "Silambele futhi somele ukulunga." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Anginithethisi, kodwa nje nginilethela iqiniso. Yilokho-ke.

178 Niyazi ukuthi yini indaba na? Yingenxa yokuthi abantu bazoza enkonzweni, abantu namhlanje ufuna ukuzijabulisa. Kade benjalo, abantu baseMelika ubungazwa kakhulu, ukuthi yilokho abafanele babe nakho. Lokho—lokho—lokho kondla umoya okubo, ngumoya obungaziwe, ufanele ubabungaze. UNkulunkulu akababungazi abantu, Uyabasola abantu. Ukwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu. Futhi lapho sekufika esikhathini lapho ibandla lifanele libe namasapha amasobho, nemidanso, nemidlalo yobumnandi, nazo zonke izinhlobo zombhedo wokuthengiswa kwezimpahla ukukhokhela umshumayeli, uNkulunkulu abe nomusa kulelobandla! Kunjalo. Mm!

179 Sidinga uMoya oNgcwele emandleni nasekwamukeleni, ukuthi inkonzo yethu izokhuluma. Amen. Kodwa abantu, lapho beyobona into ethize, bahamba ukuyobona i—inkonzo ethize, "Lapha lomfowethu unenkonzo ethile."

180 Awu, bayawela, bathi, "O, ya, lokho ku—lokho kuhle kakhulu. A-hha. Kulungile. Awu, kulungile, siyaphi kusasa na?"

181 Enye into ethize. Niyabo? Akubahehi ngisho nhlobo. Babone nje okuningi kakhulu kobuhle bukaNkulunkulu, baze basuke nje mahlaphahlapha kukho.

182 Kungikhumbuza ngendaba endala yesiNgisi, yathi ngesinye isikhathi kwakukhona indoda eyayifunde ngolwandle, ukuthi lwaluluhle kanjani, ukuthi ayemahle kanjani amakhulu, anosawoti, amagagasi anosawoti ayegxuma, nezinyoni zasolwandle ziyondiza ngaphezulu, futhi into emangalisa kanje pho, wayengakaze alubone ulwandle.

183 Futhi ngakho yona, ngolunye usuku ya—yathola imali eyenele kwaze kwaba yayiya olwandle. Yehla ngengaphakathi,

yaze yafika e, eduze nogu lolwandle, futhi yahlangana nosawoti omdala, futhi lelo yitilosi, livela olwandle, futhi lathi, “Uyaphi, muntu wami olungileyo na?”

184 Yathi, “O, ngifundile ngolwandle, ngiya olwandle. Ngizolubuka ngamehlo ami uqobo, phezulu ubuhle, amagagasi amahle kakhulu lapho ehlakazeka, namakhulu, anosawoti, amanzi anosawoti omningi amhlophe. Ngizohogela umoya kasawoti futhi ngigcwalise amaphaphu ami agcwale, futhi ngi, ngizwe ukukhala kwezinyoni zasolwandle,” nokunye nokunye. O, yayijabule kakhulu kanjani ukwazi ukuthi yayizokwazi ukubona lawomanzi amaningi.

Ngakho, usawoti omdala wayibuka, wayesethi, “Awu, ngazalelwa kulo eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, angiboni lutho okwesabisa kakhulu ngalo.”

185 Niyabo, wayelubone kakhulu impela, kwaze kwajwayeleka kakhulu kuye, lwalungaseluhle, kwakungelutho kulo. Wavele wama lapho nje, futhi wantanta eya emuva naphambili emagagasini, futhi wangakunaka.

186 Manje, yileyondlela ibandla elinayo ngoNkulunkulu. Sibona uMoya kaNkulunkulu ekwehleni kwemvuselelo, futhi unyakazise abantu, futhi basukume baphume ezihlalweni ezinamasondo, ne—nezinyonga ziyahamba, nezimpumputhe ziyabona, noMoya kaNkulunkulu wehlela emhlanganweni, ukwehlulela yona impela imicabango ezinhliziyweni zabo, nezinto ezinkulu zesiprofetho ziyophuma lokho okuphelele ngaso sonke isikhathi, impela nje, nebandla lithi, “Awu, lokho kulungile,” isigaxa esikhulu soshingamu, behlezi lapho, niyazi, “ngiqagele lokho kulungile. Kodwa sizobona uLucy kusasa ebusuku, futhi nje asizuku. . . ” Niyabo?

187 “Umelusi ufuna ukusilahla ngecala, makasilahle ngecala. Sizowelela kuleli elinye ihlelo, uma efuna ukusilahla ngecala. Sizowela futhi sijoyine i. . .Uma besixosha eChurch of God, sizoya kuma-Assemblies; bayasixosha kwi-Assemblies, sizoya kwi-Oneness; bayasixosha kwi-Oneness, sizoya kwiTwoness; futhi si. . .bayasixosha kwiTwoness, sizoya eThreeness. Futhi sinenqwaba yendawo. Uyabo?”

188 Yebo, unayo indawo, kodwa, mfowethu, kunendawo nje kaKristu kuwe, uma ufuna ukuza kuYe. O, Nkulunkulu yiba nomusa ebandleni lalolusuku. Ngizoma emva kwalobubusuku, ngoba angifuni ukunenza nithukuthele, kodwa nje ngi—ngidingeke nje ngisebenzise lobubusuku ukubholela lokhu kini, ukunazisa ukuthi ibandla lisesimweni esibi kakhulu. Impela linjalo. Ukushisekela kwethu, siyavilapha nje, niyazi, njengobudlabha nje. UNkulunkulu akafuni sibe njalo. Ufuna thina. . .Ngicabanga ngalokhu:

Ungangitsheli, ngezinombolo ezidabukisayo,
Ukuphila kuyiphupho elingenalutho nje!

Umphefumulo ufile kwabalele ubuthongo,
Nezinto aziyikho ezibonakala ziyikho.

Ukuphila kuyikho ngempela! Futhi ukuphila kuyisiqiniseko!
Nethuna alisiwo umgomo walo;
Ngokuba uluthuli, ubuyela othulini,
Kwakungakhulunywa ngomphefumulo.

Ngiyalithanda lelivesi elithize lalelo i *Hubo LokuPhila*:

Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza (uPawulu, uPetru, uJakobe, uJohane.)
Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza
Singenza izimpilo zethu ziphakame kakhulu,
Ngokwehlukana sishiya ngemuva
Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;

Amanyathelo ukuthi mhlawumbe omunye,
Ngenkathi ngintweza phezu kwesikhulu sempilo esinesizotha,
Ngomfowethu olusizi nophukelwe ngumkhumbi,
Ekuboneni amanyathelo ezinyawo zenu, niyothatha isibindi futhi.

189 Zingaki izidakwa ezingabona amanyathelo esidakwa esasiphendukile futhi siphila ngobungcwele nangokumesaba uNkulunkulu na? Bangaki abesifazane abangabambelela lapho bebone owesifazane wasebukhosini ema, egqoke njengenenekazi, futhi aziphathise okwenenekazi, futhi eya esontweni, nayo yonke inhliziyo yakhe eyinikela kuNkulunkulu na? Yilapho ubekwa khona uphawu, yilapho uphawulwe khona, wonke umuntu uyakwazi wena. "Ningusawoti womhlaba, kepha uma usawoti edumele, awusasizi lutho, ulahlwe ngaphandle, phansi, unyathelwe phansi konyawo lomuntu."

190 "Nkulunkulu, vumela ibandla lePentecostal liphile," ngumkhuleko wami. Makasingenise endaweni, ngifisa sengathi Ubengakwenza khona lapha kulobubusuku, ngifisa sengathi Ubengathatha leliqembu khona phakathi lapha kulobubusuku futhi asemukele njengabantwana, asemukele njengamadodana namadodakazi aKhe. Sizalwa singamadodana namadodakazi aKhe, kodwa Akasemukele njengamadodana namadodakazi. Yeka umhlangano onamandla lo obungaphenduka ube yikho!

191 Ukuthi uNkulunkulu ubengazibeka kanjani izipho kulelibandla khona lapha kulobubusuku eziyo, ngani, ngalesisikhathi usuku emva kwakusasa ebusuku, kukhona okuthize. . . wonke umuntu ngalapha ubengazi ukuthi kukhona obekwenzeka ngale kulendlu yesikole lapha,

impela bekuyokwenza. Bebezokwazi, ngenxa yokuthi uMoya kaNkulunkulu wawuphila phakathi kwabantu.

192 O, ngifuna kanjani ukwenza lokho! Anikufuni lokho, nonke na? Ningangithukutheleli nje ngokuba luhlaza kakhulu ngakho. Kodwa njengoba bengihlale ngisho, umfowethu lapha uthi, umbazi, uma ungabetheli isipikili kakhulu, ngeke sibambe, sizonyakaza sixege ngqo. Ngakho-ke, ngithemba ukuthi lokhu akunyakazi kuxege, ngithemba ukuthi kuhlala khona lapho, khona lapho, futhi kubambelele kukho ngqo ngazo zombili izandla.

193 Kungikhumbuza, eminyakeni edlule ngangivame ukwenyukela eColorado ngezinkathi zonyaka zasekuqaleni ukuyozingela. Futhi ngiyathanda ukuzingela inyamazane i-elki nezinyamazane amadiye, futhi ngiyothatha iholide lami. Ngolunye usuku, ngabona inkundla phezulu lapho engingakaze ngiyikhohlwe. Ngangi, sekuyiminyaka emininingana eyedlula, ngangiphezulu onqenqemeni emva kweContinental Divide, futhi kukhona abakubiza ngoMfula iTroublesome. Ngangivame ukusebenza epulazi lezinkomo phakathi lapho e, e . . .

194 Izinhlobo zempambuko yasempumalanga nasentshonalanga yoMfula iTroublesome, neHereford Association idlisa esigodini. Uma ungakhulisa ithani lefolishi, ungabeka inkomazi edlelweni. Futhi iplazi lezinkomo ngalinye lisikwa ngamathani *amaningi kangaka* efolishi, futhi wena, ngiqagele leyo yindlela efanayo onayo lapha e-Oregon, ubeka inkomazi yakho edlelweni.

195 Ngangivame ukwenyukela lapho ngesikhathi sokuqoqwa kwemfuyo, ngenkathi ethatha izinkomo zasentwasahlobo futhi aziqhube zenyuke. Futhi kwakukhona uthango lokushushumbisa lokwahlukanisa impahla engeyabantu kuhulumeni, futhi ngangihlala lapho, umlenze wami unqamule uphondo lwesihlalo sehhashi, futhi ngibhekisise umqaphi ngenkathi wayemi lapho, ebuka lezozinkomo zedlula.

196 Manje, eyethu kwakuyiTripod, noMnu. Grimes enhla lapho kwakuyiDiamond Bar, futhi, o, babenabafuyi abangamashumi amabili noma amashumi amathathu abehlukene ababekade bedlulise izinkomo zabo. Manje, ngaqaphela ukuthi lowomfuyi wemfuyo akazange anake kangako ukuthi phawu luni olwalusenkomazini. Niyazi ukuthi wayebukani na? Wabuka icici legazi endlebeni. Niyabo? IHereford yangoqobo, kungenjalo yayingenakuya kulelodlelo.

197 Futhi ngicabanga ukuthi yileyondlela uNkulunkulu azokwenza ngayo ngoSuku lokwaHlulela, Akazukukhathalela noma ngabe ungowe—we-Assemblies, noma oweChurch of God, noma ngabe ungowanoma yini, Uzobheka lelocici leGazi, mfowethu. Futhi uma lokho kulapho, uzongena; uma kungenjalo, angikhathali ukuthi ufake luphi uphawu, uzokwaliwa, yilokho kuphela.

198 Ngakho, ngolunye usuku phezulu, phezulu le entabeni, ku. . .umfuyi wezinkomo omdala mina sasingabangane abahle kakhulu, umzingeli okahle. Futhi wayethathe ihhashi lokupakisha futhi wawelela ngale empambukweni yasentshonalanga, futhi ngangisezansi empambukweni yasempumalanga, esiyibiza ngeCorral Peaks. Futhi lalingakakhithiki iqhwa nokho, futhi, noma kwenele ukuhlala kulo, kwakusesekuseni, neziphepho zeqhwa zazingafikanga, ngakho izilwane zazisenhla phezulu.

199 Futhi ngangibophe ihhashi lami, futhi nginohambo losuku phezulu ngizungeza eduze kwemithi yokwenza amapulangwe. Futhi ngakho, kukhuphuka, esinye salezo zasentwasabusika, iziphepho zika-Okthoba, futhi khona-ke mhlawumbe liyokuna kakhulu impela nje njengoba lingana, bese-ke imvula eneqhwa, bese kuba yiqhwa, bese-ke kuphuma ilanga, bese-ke lina futhi, niyazi ukuthi kunjani ekwindla.

200 Futhi kufika isiphepho, futhi ngangiphezulu le phezulu, umuthi wokwenza amapulangwe, kome kakhulu ukuba ngithole imizila, ngakho-ke, ngangi, ngangena emva kwesihlahla ngase ngithi nje ukuqoshama emva kwesihlahla *kanje*, leso yisisho esesabekayo, kodwa ngangimi emva kwesihlahla ukubeka isibhamu sami esikhulu phansi. Isiphepho sadlula, futhi emva kokuba isiphepho sesidlulile, kwaphola ngenkathi isiphepho siqhubeka, futhi lana kanzima ngempela, futhi emva kokufika kwesiphepho ngangimi lapho ngicabanga ngoNkulunkulu, ngacabanga, “O Nkulunkulu, Umangalisa kanjani!” Ngihlala ngibona uNkulunkulu emvelweni, yilapho oMbona khona. Ngacabanga, “Umangalisa kakhulu, Nkosi. O, ngifisa sengathi Ubungehlela nje phezu kwami lapha, futhi ungivumele ngiye eKhaya ngisuka lapha.” Ngacabanga, “Makuthi. . . ”

201 Lapho ngifa, yisho umkhuleko wamaNdiya phezu kwami lapho ngifa, “Nkosi Nkulunkulu, Baba omkhulu onoMoya, kwangathi angazulazula ezansi emikhondweni emide yezinyamazane, futhi ahlangane nabathandekayo bakhe kuloloHlangothi.”

Ngacabanga, “Yebo, Nkosi, mangiye eZweni elinjengaleli lapho sengishiya lelizwe.”

202 Futhi ngangimi lapho nje, isiphepho sayeka, futhi ngangitadisha kanzima ngempela, ngakho ngasukuma, ngaqalaza, futhi kwenzeka ngaqaphela ukuthi. . .Ngabuka phandle ngaphesheya *ngapho* ngasentshonalanga, ngase-Oregon ngalendlela, nomfantu ezintabeni, sekubaleyithi ntambama. Ilanga liza ledlula lapho njengeso elikhulukazi, njengoNkulunkulu, “Iso laKhe liphezu komzwilili.” Ngacabanga, “O Nkulunkulu, Ulapho-ke ekushoneni kwelanga.”

203 Ngase-ke ngibuka, futhi lapho i—imvula yayineqeqeba lamakhaza esihlahleni esihlala siluhlaza, nakho kwabumbeka uthingo lwenkosazana, luza ngaphesheya kwesigodi. Phezulu le esiqongweni sentaba impisi empunga endala yakhala, umata wayiphendula phansi ekugcineni. Inyamazane endala i-elki iqala ukukhala, ilahlekile ngesikhathi sesiphepho kanjalo. Ukhuluma ngotwa lubizana notwa! O, he!

Ngacabanga, “Kungani ngiyoke ngize ngiyishiye lendawo na? Leli yikhaya kimi, ngifisa sengathi bengingahlala lapha kuze kube phakade.”

Ngezwa njengoba kwenza uPetru, “Masakhe amadokodo amathathu, futhi sihlale lapha nje. Lena yindawo yokuhlala.”

204 Ngezwa uNkulunkulu ekubizeni kwempisi, ibiza umata wayo, ngacabanga, “Yebo, Nkulunkulu, lowo nguWe ungibiza.” Ngayizwa imyamazane i-elki ngendlela efanayo, ngabona uthingo lwenkosazana luza lunqamula, futhi ngacabanga, “Uthingo lwenkosazana lusho isivumelwano. Wena ungu-Alfa no-Omega, isiQalo nesiPhetho, iziphetho zombili zothingo lwenkosazana, OwayeKhona noZayo, Mpande neNzalo kaDavide, iNkanyezi yoKusa, uMnduze wesiGodi, iMbali yaseSharoni,” o, he, konke Ayeyikho.

205 Futhi ngacabanga, “Othingweni lwenkosazana, isivumelwano, njengoba beMbona eSambulweni 1, lapho ukubuka njengothingo lwenkosazana, njengowokuQala nokuGcina, uBenjamini ku. . . futhi kusukela kwaRubeni kuya kuBenjamini, owokuQala nowokuGcina.”

206 Futhi, o, kuvele nje, umBhalo uthululeka nje, ngacabanga, “O Nkulunkulu, Umkhulu kakhulu! Umkhulu kakhulu!” Ngiqala ukugxobagxoba ngezinyawo zami phansi naphezulu, ngizungeza, ngasho ngazungeza lesosihlahla, ngihamba ngamandla ami onje nje, ngokushesha nje lapho ngihamba, ngimemeza kakhulu, “Haleluya! Haleluya! Haleluya! Haleluya!” Ngigijima kanjalo nje. Ngama, ngase ngithi, “O Nkulunkulu, Umkhulu kangaka! Haleluya! Haleluya! Haleluya!”

207 O, ngangifana nayo yonke iSalvation Army phezulu lapho, ngianginesikhathi esimnandi. Nganginganakile ukuthi ubani omunye, ngani, nganginamashumi amathathu nanhlanu, amamayela angamashumi amane ukusuka empucukweni, ngangimemeza eNkosini. Awukholwa ukuthi amaBaptisti ayamemeza na? Benifanele ningizwe.

208 Ngakho-ke, ngangizungeza, ngakuleyondawo, ngihamba ngamandla ami onke nje, ngimemeza izindumiso zikaNkulunkulu. Ngacabanga, “O, kumangalisa kanjani! Ngingathanda kanjani ukuhlala lapha, Nkosi! O, uma ngingazange ngibe nomunye umkhankaso, ngihlale nje khona lapha naWe, uze Ufike ungilande! Kumangalisa kanjani!” Kodwa, njengoba nje uPetru nabo wayenjalo ngalolosuku,

ezansi ekugcineni kwentaba kwakukhona umfana ogulayo ukuba aphulukiswe, ngakho ngiyazi ngangidingeka ngibuyele emuva ezinsukwini ezimbalwa.

209 Futhi ngangimi lapho, futhi khona manjalo, ingwejeje endadlana yeshoba, angazi noma ninazo lapha noma qha, o, iyiphoyisa lejazi elil'hlaza s'bhakabhaka lasemahlathini, into enomsindo kunakho konke engake ngakuzwa, igxuma phezulu e, kwakukhona okwasakazeka phansi okudala lapho, futhi yagxumela phezulu esiqwini, futhi yaqala ukuthi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! *Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! *Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!"

210 Futhi ngacabanga, "Yini ekuxhuxhumisa kangaka, mfo omncane na? Ngani, awumkhulu ngokwenele ukuba wenze noma yini. Ngakho umpongolozela ini na?" Ngathi, "O, yini—yini oqhubeka ngayo na? Noma ngikwethusile na? Uma ungakuthandanga lokho, bhekisisa lokhu kancanyana, ake ngikukhombise ukuthi ngingaqhubeka kanjani ngempela." Futhi ngasho ngazungeza ngazungeza isihlahla futhi. Ngacabanga, "Ukuthanda kanjani lokho na?" Ngathi, "O, he, uMdali wethu uyamangalisa, ufanele uMdumise."

211 Kodwa ngaqaphela ukuthi yayingangibhekile, yancikisa ikhanda layo elincane emaceleni, naleloso liqhunsuke esihlathini sayo, niyazi, ibuka phansi *kanjalo*. Futhi emva kwesikhashana, kuhuquzela kuphuma lapho, umoya wawuphoqe ukhozi olukhulu, olunsundu, o, ziyinyoni enhle, ngiyaluthanda ukhozi, futhi lwagxumela kulokho. Futhi ngacabanga, "O, bekuyilokho-ke. A-hha. Yilokho obuqhubeka ngakho, ubusaba lolokhozi."

212 Lolokhozi olukhulu lwagxuma lapho, futhi o, umfo omkhulukazi kanjani, umfo omkhulu, lawo amakhulu, amehlo abukeka empunga ecwayiza. Ngacabanga, "Nkosi, kungani Unginakise othingweni lwenkosazana, nampisini, nakho konke lokhu, nje uku...ngalokhu lapha na? Yini enokwesaba uNkulunkulu ngalolokhozi na?" Futhi ngacabanga, "Angiboni lutho lokwesaba uNkulunkulu ngaleyongwejeje endadlana; angiboni lutho lokwesaba uNkulunkulu ngokhozi. Yini enokwesaba uNkulunkulu kangaka ngalo na?"

213 Futhi ngiqala ukuqaphela, ngacabanga...Ngalubuka, ngathi, "Ubuwazi ukuthi bengingakudubula na?" Ngathi, "*Nakhu* kuhlezi isibhamu sami, ngingakudubula." Belwazi kangcono kunalokho. Lokho akuzange kulukhathaze nakancane. Ngacabanga, "Awungesabi na? Ubuwesaba ngoba bengimemeza kanjalo na? Lowo bekunguMdali wethu, ngiyaMdumisa nje, ubufanele, nawe." Futhi nje ngi...

214 Uma kufika umuntu emahlathini, bebeyocabanga ukuthi babenomuntu ohlanyayo phandle lapho. Kodwa ngangingenandaba, nganginesikhathi esimnandi, ngangikhonza

iNkosi. Yileyo indaba nge. . .sinesitashi esiningi kakhulu nokwesaba okukhulu kakhulu. Sidinga uNkulunkulu, sidinga ukuqonda ukuthi akukho-muntu lapha ngaphandle kwami noNkulunkulu, yilokho kuphela. Yilokho kuphela. Kunjalo.

Siqala ukuzibuza, "Uzothini umakhelwane ngami na?"

Awu phila kahle, nomakhelwane uzokwazi ukuthi yini ezayo, noma kanjani, lapho behamba nawe.

215 Ngakho manje-ke, ngalalela leyongwejeje endadlana, niyazi, futhi ngalubhekisisa lapho; lolokhozi, ngacabanga, "Yini ekwenza uqiniseke kangaka—ngaka ngawe na?"

216 Futhi ngiqala ukuluqaphela, lwalenza lawomaphiko amakhulu, niyazi, lezozimpaphe, lizinyakazisa *kanjalo*, niyazi, lithi ukuwaqondisa. Ngacabanga, "Ngiyabona, ehhe. Unethemba kulawomaphiko. Uyazi ngaphambi kokuba ngibeke isandla sami kulesosibhamu esikhulu, futhi sona ehlombe lami, ubungaba kuleyomithi yamapulangwe lapho, futhi angiphinde ngikubone ngisho." Niyabo?

217 Ngacabanga, "Uma ungaba nalelothemba elingako kulawomaphiko, ngoba uNkulunkulu ukunika amaphiko okubalekela ingozi, bekufanele kangakanani iBandla likaNkulunkulu libe nakho emandleni kaNkulunkulu angabenza baphunyuke ekuguleni, nezifo, nezinkathazo, nokufa, nesihogo, futhi undizele kuNkulunkulu ngolunye usuku ezingalweni zeNkosi uJesu!" Nje, ngacabanga, "Lu—lulokhu luwezwa, inqobo nje uma lungawezwa lawomaphiko ngokuhleleka kwawo kokusebenza, lwalukahle, lwalazi ukuthi lwalumi kuphi."

218 Futhi nokho uMoya oNgcwele ungehlela phezu kwebandla, futhi bayoqathaka baphume, "O, angazi, uma ungikhulekela futhi, mhlawumbe kuzolunga." Niyabo? Lokho nje, o, he, kubi kabi, yebo, mnumzane.

219 Ngalubhekisisa lapho isikhashanyana, ngizokutshela ukuthi kwenzekani kulomfo, ngalubhekisisa isikhashanyana, ngabuka lapho, ngase ngicabanga, "O, ngiyakwazisa. NgiyaKubona kulolokhozi, Nkulunkulu."

220 Futhi ngakho, emva kwesikhashana, lwalungangesabi, futhi lwakubona lokho. . .Nga—nga—ngalwazisa. Ngiyayazisa noma yini enomgogodla othile—othile kuyo. Ngiyakuzonda ukubona umuntu eza ebandleni futhi nje, o, zonke izindumiso nakho konke, abuyele emuva phandle futhi unamahloni ukufakaza esitaladini, unamahloni ukucela isibusiso ekudleni okudla esitolo othenga udlele kuso, o, he, ngobugwala. UNkulunkulu angeke asebenzise igwala, Ufuna amadoda. Ufuna ukukhipha lelothambo lesifuba, bese efaka umgogodla phakathi lapho.

221 NjengoBuddy Robinson omdala wathi, "Nkosi, nginike umgogodla ongangesaha logodo, faka inqwaba yolwazi

ekugcineni komphefumulo wami, futhi ungisize ukuba ngilwe nodeveli inqobo nje uma nginezinyo, bese-ke ngimfaka izinsini ngize ngife." Ngakho lolo wuhlobo lobufakazi sonke esifanele sibe nabo. Niyamkhumbula uBuddy Robinson, abaningi benu, umfowethu omdala ongumNazarene na?

222 Manje, ngabuka lolokhozi oludala ngase ngicabanga, "Awu, uyazi, uyinyoni enomusa ngempela, ngi—ngikuthanda kahle ngempela. Ngishumayele ngawe izikhathi eziningi." Futhi ngathi, "Ngi—ngikuthanda ngempela ngempela."

223 Lwakhathala ukulalela leyongwejeje endala yeshoba ithi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! *Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*!" sengathi lwaluzoyidabula. Ngani, belungeke lwenze lutho, incane kakhulu. Lwenela yikho, ngakho lwavele lwenza ukubhampa okukodwa okukhulu, lwabhakuzisa amaphiko alo cishe kabili, futhi khona-ke ngakhala.

224 Ngama lapho nezinyembezi zehla ezihlathini zami ngenkathi ngibhekisisa lolokhozi. Kufanele ukuthi uNkulunkulu walubeka kanjani ngenhloso lapho! Aluwabhakuzisanga amaphiko alo, lwavele nje lwaba ngaphezu kwemithi yamapulangwe, cishe kabili, futhi khona-ke lwalazi nje ukuthi liwahlele kanjani amaphiko alo kulowomoya, futhi njalo lapho ukuvunguza komoya kwakukhuphuka, lwaluphakama kakhudlwana, luphakama kakhudlwana, futhi luphakama kakhudlwana, lwaze lwaba yichashaza nje elincane.

225 Lwashiya leyo endala, ingwejeje yeshoba eboshelwe emhlabeni ihlezi lapho ithi, "*Tshweke*, *tshweke*, *tshweke*! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele. O, akukho . . . Lokhu ukukhuluma ngezilimi akulungile konke. Ayikho into okuthiwa yiPhentekoste, eyayikhona emuva ngaleya kudala." Lwalazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko alo emandleni omoya.

226 Belifanele kanjani ibandla lazi ukuthi kuhlelwa kanjani ukukholwa kwakho emandleni kaNkulunkulu! Hhayi ukugxuma usuka kwelinye ibandla uya kwelinye, kodwa ugibela usuke enkazimulweni kaNkulunkulu, uze wedlule ukuzwa lokhu, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, ayikho into okuthiwa nguMoya oNgcwele," umbhedo.

227 Ucabangani ngalokho, nenekazi na? Uyakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso na? Uyakukholwa lokho, nawe, dadewethu na? Uma ukukholwa, ungandiza usuke kulezo zinhlaka kulobubusuku uma ufuna.

228 Nje, akusikho ukuya ku*lo*mhlangano, eye ku*lowo*, ube na*lona* akukhulekele, noma *lowo* akukhulekele, *lo*mshumayeli othize, *lowo*mvangeli othize. Vele uhlele amaphiko akho, uhlele ukukholwa kwakho, "Angiyikuzanyazanyiswa." Haleluya! Futhi njalo lapho uMoya oNgcwele ungena, ugibele ukhuphukele

kuWo, eya phezulu, futhi phezulu, futhi phezulu, futhi phezulu. Yilokho-ke.

229 Uyakukholwa lokho ngenhliziyo yakho yonke na? Uma ukukholwa, mfowethu, yazi nje ukuthi ahlelwa kanjani amaphiko akho. UNkulunkulu wethembisa, uNkulunkulu angeqambe amanga, uNkulunkulu uyiqiniso lonke. Uma bengingakuphulukisa, bengiyokwenza. Ngeke ngaphulukisa muntu, angikholwa ukuthi ukhona omunye ongaphulukisa noma ubani. Kodwa nguwe, qobo lwakho, wena, qobo lwakho, onokukholwa kuNkulunkulu. UMoya oNgcwele ubulokhu wehla njalo njalo ekuphophozeni phezu kwalendlu kulobubusuku. Uyakukholwa lokho na? Impela. Ngisho ekhuza futhi eyala iBandla laKhe futhi eLihlanza. Yilokho uNkulunkulu afuna ukukwenza.

230 Abashayi abadala begolide, niyazi ukuthi babevamise ukwazi kanjani ukuthi kwakungelangempela, igolide elihle na? Babethatha lelogolide, futhi balishaye, futhi balishaye, futhi baliphendule, futhi balishaye, baze bashaye onke amanyela aphume kulo. Niyazi ukuthi bazi kanjani lapho sebekhiphe amanyela kulo na? Ngenkathi bebone umfanekiso wabo uqobo kulo, khona-ke bazi ukuthi yonke insimbi iphayrithi, nezinto, yayiphumile kulo. Lonke idwala nezinto zokwakha kwakungaphandle, kwakuyigolide elicwengekileyo, lapho umshayi wayekwazi ukubona umfanekiso wakhe.

231 Yileyondlela uKristu enza ngayo eBandleni laKhe, UyaLishaya, futhi eLiphendula, futhi eLishaya, futhi eLiphendula, futhi eLishaya. Unesibindi kanjani umshumayeli ukuba abe nobutabane ngokwanele ukuba angalikhulumi iZwi likaNkulunkulu, futhi atshele abesilisa nabesifazane lapho bephila ngokungesikho! Abatshele ukuthi akulungile ukugqoka lezizingubo ezingenasimilo, akulungile ukubhema osikilidi, akulungile ukuhlala ekhaya ungayi esontweni, akulungile ukuya ekugembuleni, nemijaho, nokuqhubeka ngendlela ibandla elenza ngayo namhlanje, nokudlala amalotho, nezinto. Nkulunkulu yala lapho ngifanele ngenze lokho. Qhabo, mnumzane.

232 Shaya leyoNto kuze, uJesu uYishaya ngoMoya oNgcwele aze Abone umfanekiso waKhe uQobo kuYo. Khona-ke ungabona imisebenzi kaKristu yenziwa eBandleni, khona-ke Selilungele uHlwitho, igolide elicwengekileyo. Niyakukholwa lokho, nonke na?

233 Kulungile, bangaki abantu abagulayo ophakathi lapha na? Phakamisani izandla zenu. Nithe beningamakholwa aninjalo na? Kulungile, ngizonicela ukuba nenze okuthize. Nina—nina belusi ababili, ngifuna nehlele kuloluhlaka *lo*mbhede. Nina belusi ababili, ngifuna niwelele ku*lolu*hlaka lombhede. Nginikhombise ukuthi akusiwo amadoda. Amen.

234 Manje, lamadoda angamadoda akholwayo, lawa amanye ayakwenza futhi, kodwa ngikhethe lawo amabili. Okubili ngubufakazi. Kulungile. Bangaki kini abanye abakholwayo manje na? Kulungile.

235 Manje, ngabe iZwi likaNkulunkulu liqinisile na? Impela, kunjalo. Liqinisile. Manje, uma . . . "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Ngabe kunjalo na? "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngabe kunjalo na? Manje, uma lokho kungalungile, khona-ke awusindisiwe, uNkulunkulu ofanayo wakusho. Niyabo? Ngakho awusindisiwe, akukho-Zulu, akukho—akukho emva kwalokhu uma lokho kungalungile.

236 "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda," manje, wonke umuntu oyikholwa. Alishongo ukuthi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abefundisi." "Lezizibonakaliso ziyaku*ba*landela," noma ngabe bangobani, "abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

237 Ulindele umkhuleko wengane, unjalo, dadewethu na? Ngabe ingane ibigula, noma okuthize, ubufuna ikhulekelwe na? Ingane? Igula kakhulu na? Ungumfundisi, mfowethu na? Kulungile, hamba ubeke isandla sakho kuleyo encane, ingane enekhanda elibomvu ezansi lapho. Ngiyaqalaza ukubona ukuthi ngingambona yini omunye umuntu ofuna izandla phezu kwabo.

238 Kulungile. Manje, ngokwejwayelekile sithatha ukubona okufihlakele. Futhi singaba nalokho khona manje, futhi. O, impela, impela. Lokho nje—nje kulungile uma—uma—uma si—uma sikukholwa, kodwa ufanele ukukholwe. "Uma ukholwa, konke kungenzeka."

239 Manje, khumbulani ukuthi uma sikhuleka futhi sicela uNkulunkulu ngobuqotho, lelibandla, manje, simunye, sindawonye, uma sicela uNkulunkulu ngobuqotho, khona-ke uNkulunkulu ubophezelekile ukunakekela lokho esi—esikucelile. Ngabe kunjalo na? "Uma nicela noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza." Ngabe yiqiniso lelo na? Lindani nje. Ngabe yiqiniso lelo na? Impela. Ngizokwethemba umphefumulo wami ngakho, ngikwenzile. Iminyaka engamashumi amathathu nanye, ngiphile ngokulangazelela kulezi . . . kuJohane oNgcwele 5:24. Uma ufuna ukukufunda, cabanga nje ngedlanzana namadazini amabili amaqanda, uyabo.

240 UJohane oNgcwele 5:24:

> . . . *Ozwa izwi lami, akholwe ngongithumileyo, unokuphila* okuPhakade, *futhi akayikuya ekwahlulelweni; kepha wedlulile ekufeni wangena ekuphileni.*

241 Ngiyakukholwa lokho. Mina, njengomfana omncane, ngiba ngumfundisi, umfana nje, ngashumayela kusukela lapho, nginikela ngempilo yami ngenxa yeVangeli. Ngifisa sengathi

benginezimpilo eziyizinkulungwane eziyishumi ukuba nginikele ngakho. Kuyamangalisa ngempela, ngiyakuthokozela, konke nokuncu. Manje, unga . . . wena . . . Uma *lokho* kungenjalo, khona-ke ngi . . . Uma *lokho* kungenjalo, khona-ke *lokhu* okunye akunjalo; uma *lokhu* kungenjalo, khona-ke *lokho* akunjalo; uma *lokhu* kuyi*lokho*, khona-ke *lokho* yil*okhu*, niyabo. Ngakho si—si—silungele.

242 Ukulungele ukukhuleka na? Kulungile, manje, wonke umuntu ophakathi lapha, ngifuna nibeke izandla phezu komunye ongakuwe. Futhi bazalwane, ngifuna ngamunye onyaweni, noyedwa ekhandeni lalezi zinhlaka lapha, beka izandla zakho phezu komncane—phezu komfanyana lapho, phezu kwalababantu. Manje asime.

243 O! Ngiyaluthanda nje loluhlobo lomzuzwana, into ethize nje, wonke umuntu engaphefumuli, njengokuthi, "Kuzokwenzekani na?" Bhekisisani ukuthi kwenzekani. Uma nje ujika . . . Yekela nje ukukholwa kwakho kuhambe manje, vumela nje ukukholwa kwakho kwehle ngqo, uthi, "*Lo*dade uzophulukiswa. *Lona* uzophulukiswa. *Lowo* wesilisa, *lona* wesifazane, *lona*, na*lona*, na*lowo*, na*lowo*, bonke bazophulukiswa. Bazophulukiswa, lokhu kuzoba ukuphela kwakho. Kusasa kuzoba nomehluko omkhulu kakhulu kulabobantu, ngani, okwami kuzoba yisimangaliso." Anikukholwa lokho na?

244 Siyini na? IBandla likaNkulunkulu. Sazi kanjani manje, ukuthi uNkulunkulu angeke asimukele njengabantwana sonke ngabanye kulobubusuku, ngenkathi senza lokhu na? Silalela imiyalo yaKhe.

245 Manje, ngamunye wenu, njengokuthi nje lokho bekungokwakho . . . Ungazikhulekeli wena manje, khulekela umuntu onesakho . . . izandla zabo ziphezu kwakho. Manje asikhothamise amakhanda ethu, sonke manje, nezandla zabo komunye nomunye. Ngifuna nonke niphinde lomkhuleko emva kwami:

246 Nkulunkulu uSomandla, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, Baba wami, ngiphe ukukholwa komuntu engibeke izandla zami kuye. Mangikholwe ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi lomuntu uzophulukiswa ngamandla aKho. Uma ngonile, ngangaKukholwa noma ngayiphi indlela, ngithethelele. NgizoKunika lonke udumo nayo yonke inkazimulo. Ngethembisa lokhu, eGameni likaJesu. Amen.

247 Manje, gcinani amakhanda enu ekhotheme. Manje, niyazi ukuthi utheni. Manje, u—ushilo lokho, manje, lowo ngu—ngumkhuleko uNkulunkulu awubeka ngezindebe zakho kumuntu, khona-ke khumbula, omunye umuntu ukhulekele wena into efanayo. Manje zivalele phakathi noNkulunkulu, akukho-muntu phakathi lapha ngaphandle

kwakho noNkulunkulu manje. Nje—nje, ngokukholwa, ngizwe lawomandla kaNkulunkulu eza ehla engena kuleyomizimba egulayo. UMoya oNgcwele, uMuzwile emizuzwini embalwa edlule, uyaMuzwa khona manje na? Lokho *kunyakaza*, lowomuzwa *oduduzayo* uhamba kuwe, ugcwalisa umzimba wakho, lawo ngamandla aKhe okuphulukisa.

248 O Nkulunkulu, Wena useduze. Jehova omkhulu, Wena unguNkulunkulu ongunaphakade, thumela uMoya oNgcwele waKho manje, Nkosi. Makuthi umuntu ngamunye phakathi lapha agcwaliswe ngamandla aKho, ukuthi bazosuka esandleni baye esandleni, besuka endaweni beya endaweni, kuze kuthi wonke lowo ogulayo aphiliswe, khona-ke bazokwazi, ukuthi ukuphulukisa akusikho okomuntu, nguNkulunkulu.

249 Bayakhulekelana. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa; uma benze noma yisiphi isono, bayakuthethelelwa sona." Siphe khona, Nkosi. Yizwa imikhuleko yethu. Ngikhulekela bonke, ngikhulekela abafowethu abangabefundisi, futhi ngamunye onezandla zakhe zibekwe phezu komunye umuntu, ukuthi uMoya oNgcwele uzoba ngokoqobo kakhulu kubo, ukuthi bazokwazi ukuzwa amandla kaNkulunkulu, futhi kuzobanikeza isibindi esinjalo, kuze leli kube yihora lokwamukelwa njengomntwana ngaleliqembu labantu, ukuthi bazokwemukelwa bangene emandleni, bangene ezifundeni zeNkosi uJesu Kristu, ukuze amandla kaNkulunkulu atheleke kulowo nalowo manje, futhi ngamunye wabo aphulukiswe.

250 O, Useduze, Nkosi, Ulapha, ngiyazi ngale kwethunzi lokungabaza ukuthi Ulapha, namandla aKho manje ayangena, isibusiso. Okubusisile kuzobusiswa, okushoyo kuzokwenziwa, enikufaka ezinhliziyweni zenu, yileyondlela okuzoba ngayo. Makube njalo, Nkosi.

251 Simangalela uSathane, Wena develi, wena obeka icala, amandla amabi abophe lababantu, wena owenze lobububi, wehluliwe empini, uJesu Kristu wafa, futhi yebo, wavuka futhi ngosuku lwesithathu, futhi wakuphuca onke amalungelo angokomthetho onawo. Awulutho kodwa umkhohlisi, futhi sikubambile kukho kulobubusuku, Sathane. Wena moya omubi, dedela lababantu! Siyakuyala, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi konke ukungabaza kuzoshaneleka kusuke kulababantu khona manje, noMoya oNgcwele uzongena emizimbeni yabo futhi ubakhulule bonke ekuguleni, nasesifweni, nasekuhlushweni, nasezinkathazweni, nasemandleni amabi!

252 O, Sathane, wehluliwe, eGameni likaJesu, wehluliwe, ulahlekile. U—awulutho kodwa umkhohlisi, futhi sikubambile. Phuma, siyasho, siyakuyala, eGameni likaJesu, ukuba ushiye lezizethameli!

253 Futhi bonke abagulayo nabahluphekile baphiliswe enkazimulweni kaNkulunkulu.

254 Haleluya! Haleluya! Haleluya!

> Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa;
> Ng'yakwazi, ng'zokwenza, ng'yakholwa
> Ukuthi uJesu uyangiphulukisa manje.
>
> LeyoNyanga enkulu manje iseduze,
> UJesu onozwelo;
> Ukhuluma izinhliziyo eyethileyo ukuze zename,
> Alikho elinye igama kepha elikaJesu.

255 Uma ubungenakunyakazisa umunwe, wunyakazise manje. Uma ubungezwa kodwa ngendlebe eyodwa, faka umunwe wakho kwenye. Noma akunandaba ukuthi uyini, awusoze wenza okungcono uze usebenzise ukukholwa kwakho. Nika uNkulunkulu ithuba kuwe manje, nikeza uNkulunkulu ithuba ukuba akwenzele okuthile. Umkhuleko wokukholwa ukhulekiwe, izandla zibekwe phezu kwakho.

256 Futhi manje, ngomyalo weNkosi uJesu, ngiyala ukuthi udeveli akushiye, futhi nonke nisindiswe! Amen.

257 Uyakukholwa na? Wonke umuntu uyakukholwa, yima ngezinyawo zakho, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho manje, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

258 Yilokho-ke. Haleluya! Yilokho-ke. Ungangabazi. Sukuma khona ngqo. Amen. Ayibongwe iNkosi. Ungathatha *laba*, futhi bazophila, futhi. Ungangabazi. Phuma ngqo futhi ukhululeke. Ayibongwe iNkosi. Lokho kuhle. Amen.

259 Asiphakamise izandla zethu manje, futhi sinike uNkulunkulu udumo, wonke umuntu. Niphulukisiwe. . .?. . . Ngani, aniphulukisiwe na? EGameni leNkosi uJesu. . .?. . .

